

UNkk Angie Motshekga,
uNgqongqoshe weMfundo
Eyisisekelo



UDkt. Reginah Mhaule,
iSekela loMnyango
weMfundo Eyisisekelo

*Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uDkt. Reginah Mhaule.*

*Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxenye yoMnyango weMfundo Eyisisekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundo yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekele yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundo ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.*

*Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.*

*Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhuleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.*

*Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.*

# OKUDINGA UKWENZIWA YINTSHA yaseNingizimu Afrika

**Ukulingana**
Phatha bonke abantu ngokufanayo nangokwamukelekayo. Ungacwasi.

**Isithunzi somuntu**
Hlonipha wonke umuntu. Yiba nomusa ube nokunakekela.

**Impilo**
Impilo yonke ibalulekile. Hlonipha yonke into ephilayo.

**Umndeni**
Hlonipha abazali. Yiba nomusa wethembeke emalungwini omndeni.

**Imfundo**
Ngena isikole, usebenze kanzima ekufundeni kwakho. Hlonipha imithetho yesikole.

**Ukusebenza**
Siza umndeni emisebenzini eyenziwa ekhaya. Abantwana mabangaphoqelelwa ukuthola umsebenzi.

**Inkululeko nokuphepha**
Ungalimazi, ungahluphi noma wesabise abanye abantu. Ungabavumeli nabanye abantu ukuthi bakwenze lokhu. Xazulula izinkinga zokungaboni ngaso linye ngendlela enokuzithoba.

**Impahla**
Hlonipha impahla yabanye abantu. Vikela impahla yomuntu noma yomphakathi. Ungantshontshi.

**Inkolo, ukukholwa nemibono**
Hlonipha inkolo nemibono yabanye abantu.

**Ukuphepha**
Vikela umhlaba. Ungalimazi amanzi nogesi. Vikela izilwane nezitshalo. Qiniseka ukuthi izikole namakhaya enu kuhlanzekile.

**Ubuzwe**
Yiba yisakhamuzi saseNingizimu Afrika esethembekile. Hlonipha imithetho, uqiniseke ukuthi nabanye abantu benza kanjalo.

**Ukukhululeka kokukhuluma**
Ungaqhubekisi amanga nenzondo. Qiniseka ukuthi abanye abantu abedelelwa, abalinyazwa imizwa yabo.





Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa



© Department of Basic Education



Thirteenth edition 2023

ISBN 978-1-4315-0192-2

**This book may not be sold.**



The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

Gr3 ZUL HL B1_CoverAn.indd 2

# UMHLAHLANDLELA KATHISHA

Sebenzisa le ncwadi kanye nezinye ukuthuthukisa abafundi bakho ngalokhu:
- → Ukusetshenziswa kwezincwadi: Indlela yokuvula kahle amakhasi uze uyophumela ngale kwencwadi.
- → Ukuma kwencwadi: Ikhasi langaphambili, elangemuva, isihloko kanye nokuqukethwe.
- → Umkhombandlela: ukufunda usuke ekuqaleni uye ekugcineni, ukuqala kwesokunxele uye kwesokudla kanye nokuqala phezulu uye phansi.

**AMASU OKUFUNDISA**

## Ukulalela nokukhuluma

Funda ngalokhu encwadini *iCurriculum and Assessment Policy Statement* (isiZulu Ulimi Lwasekhaya), ikhasi 10.
Abafundi kumele babe nezindaba abazifundayo, imilolozelo emifushane, izinkondlo namaculo, masonto wonke.

## Ingxoxo ngezithombe

1. Siza abafundi kulokhu:
   - → Ukuthola nokuxoxa ngezinto ezisezithombeni (usayizi, isimo, umbala nenani)
   - → Ukuqonda izithombe ngokubuza imibuzo ethi: ngubani, yini, ikuphi, nini, ngani, kwenzekeni ngaphambilini, kwase kwenzekani kamuva?
   - → Ukwenza indaba yaseklasini (ubude bulingane nezinga lokuthuthuka asebekulo abafundi)
2. Vumela abafundi baxoxele umngani indaba yaseklasini.
3. Khombisa ukubhalwa kwendaba yaseklasini (I-CAPS Olimini Lwasekhaya, Ikhasi 12, ukufunda ngokuhlanganyela). Vezela abafundi njalo nje ukusetshenziswa kwawofeleba, ukuhlukaniswa kwamagama kanye nokusetshenziswa kwezimpawu.
4. Vumela abafundi bafunde kanye nawe indaba yaseklasini.
5. Cela abafundi badwebele noma bakokelezele imisindo, amagama amasha noma ulimi nokusebenza kwalo endabeni yaseklasini kulelo sonto.

## Ukufunda

Bhekisa encwadini *iCurriculum and Assessment Policy Statement* (isiZulu Ulimi Lwasekhaya), ikhasi 12 – 18, mayelana nezingxenye ezinhlanu ezibalulekile eku-fundiseni ukufunda umbhalo.

## Ukubhala

Bhekisa encwadini iCurriculum and Assessment Policy Statement (isiZulu Ulimi Lwasekhaya), ikhasi 18 – 19, mayelana nokubhala ngesandla kanye nokubhala ngokujwayelekile.

***Gcizelela lokhu nsuku zonke:***
- → ukusebenzisa ngokuyikho amakhrayoni namapensela
- → umkhombandlela: ukubhala usuke kwesokunxele uye kwesokudla, nokuqala phezulu wehle
- → Ukusebenzisa amabhulokhi alandelanayo ukukhombisa ukwakhiwa kwezinhlamvu kanye nenkombandlela.

Izichazamazwi: Sebenzisa izichazamazwi nsuku zonke. Yikhono lomfundi ngamunye eliveza ukuthi umsebenzi ulukhuni kangakanani. Kungadingeka nokuthi ubanike amakhasi kweminye imisebenzi abayenzayo.
Uhlale ukukhumbula lokhu:
- → Izindlela abafunda ngazo abafundi kazifani. Kubalulekile ukuthi umfundi asizwe ngezinsizakubona, ngokulaleliswa kanye nangokusebenzisa ulwazi analo ukuze afunde ngokukhululeka.
- → Ukufunda kwenzeka kahle uma izinto ziphindaphindwa.
- → Abafundi kumele bafundiswe, ngakho imisebenzi yokwenziwa kumele bazijwayeze yona ngaphambi kokuthi bayibhale, isb.:

  **Amagama amasha:** Nikeza abafundi ithuba lokwakha amagama besebenzisa amakhadi.

  **Ukuqonda:** Abafundi kumele baqedele izimpendulo ngomlomo emaqenjini abo ngaphambi kokuzibhala. Umholi weqembu ubuza imibuzo, bese kuthi amalunga eqembu athole izimpendulo bese eyiphendula imibuzo.


  **Ukukhetha amagama okuqedela imisho.** Nikeza amaqembu imisebenzi engaqedelwe yokubhalwa kanye namakhadi alungiselelwe amagama. Abafundi mabaqedele imisho ngokubhala amagama emakhadini ngendlela efanele.

  **Ukuqondanisa amagama nezithombe (ikhasi 17):** Khulisa ikhasi libe wusayizi we-A3. Emaqenjini abafundi, kumele abafundi babeke izimpawu ezifanele ezimpendulweni ezifanele.

  **Ukuqondanisa izingxenye ezimbili zomusho (ikhasi 84):** Emaqenjini abafundi, kumele abafundi baqondanise izingxenye zemisho.

  **Ukubhala eyakho indaba yephephandaba (ikhasi 128):** Nikeza abafundi ithuba lokubhala indaba ekilasini, kulandele ukuthi ibhalwe yiqembu ngaphambi kokuthi bayibhale ngamunye ngamunye.

**Qaphela lokhu:**
Ngenkathi besebenza ngamaqembu, nika umholi weqembu izimpendulo ukuze akwazi ukusiza ngazo amalunga eqembu lakhe ngendlela efanele.



# Indikimba 1: Zivuliwe izikole

## Ithemu 1: Amasonto 1–4

Isihlalo Sabakhubazekile


### 1 Konke ngesikole sami 2

Ukukhuluma: Sebenzisa imidwebo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani.
Ukufunda: Ukufunda ngokuhlanganyela (indaba)
Umsebenzi wokuqonda
Thola imibono ebalulekile kulokho okufundile.
Imisindo: ngc, ngx, ngq
Ukubhala imisho encwadini yokubhalela kusetshenziswa amagama asebhokisini.
Ukufunda: Amagama okubhekisiswa

### 2 Konke ngesikole sami 4

Ukukhuluma: Xoxa nomngani wakho mayelana nemidlalo oyithandayo.
Ulimi: Ngokulandelana kwe-alfabhethi, amabizoqho
Ukubhala: Sebenzisa amagama owanikiwe ukubhala imisho encwadini yakho yokubhalela.
Gcwalisa leli khadi elimayelana nawe.
Bhala imisho emibili ngawe, izinto ozithandayo kanye nokuthi ngobani abangani bakho.
Ulimi: Kokelezela amabizoqho okumele aqale ngawofeleba.
Ukubhala: Yenza iphosta.

### 3 Usuku lukathisa lokuzalwa 6

Ukufunda nokuqonda: Kuyafana nasekhasini loku-1 lokuzebenzela.
Ulimi: Ukuhlela amabizo ngaphansi kwezihlokwana umuntu, indawo noma into.
Imisindo: ndl, mv, mph

### 4 Isifiso sosuku lwami lokuzalwa engisasifihlile 8

Ukubhala: yenza ikhadi lokuzalwa lomuntu omthandayo.
Ukufunda: Funda idayari kaPhezani bese uxoxa nomngani wakho ngento afisa ukuyiphiwa ngosuku lwakhe lokuzalwa.
Ukubhala: Bhala kudayari into wena ofisa ukuphiwa yona ngosuku lwakho lokuzalwa.
Masizijabulise: Gcwalisa ngamagama abangani bakho ezinyangeni abazalwa ngazo.

### 5 Usuku lwezemidlalo 10

Ukukhuluma: Sebenzisa imidwebo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani.
Ukufunda ngokuhlanganyela: (indaba)
Imisindo: ms, ndw, ntw, ngw
Ulimi: Khomba izakhi kula magama
Ukubhala: Sebenzisa amagama anikeziwe ukwakha imisho.
Umsebenzi wokuqonda: Yenza uhla lwemisebenzi okukhulunywa ngayo endabeni.

### 6 Usuku olumnandi esikoleni 12

Ukukhuluma: Buza abangani ukuthi bathanda miphi imidlalo. Gcwalisa ngamagama abo kuleli thebula.
Ulimi: Ngokulandelana kwe-alfabhethi
Ulimi: Amabizombaxa
Ukubhala: Bhala amazwana ngohlobo oluthandayo lomdlalo.
Ukubhala: Yenza iphosta ukhangise ngosuku lwezemidlalo.

### 7 Usuku lwezemidlalo luphazanyiswa yimvula 14

Ukufunda: Kuyafana nasekhasini loku-1 lokuzebenzela
Amagama anemisindo eyeqekayo.
Imisindo: msh, thw, njw

### 8 Emva kosuku lwezemidlalo 16

Ukukhuluma: Dlalani umdlalo wokulingisa ukuthi kwenzekani Ngosuku Lwezemidlalo Esikoleni.
Ulimi: Bhala imisho ibe yinkulumo ngqo.
Zilungiselele ngokusebenzisa ibalazwe lemibono.

### 9 Indlu yezimpahla zesikole iyasha 18

Ukufunda ngokuhlanganyela: Kuyafana nasekhasini loku-1 lokuzebenzela.
Ulimi: Izivumelwano nezabizwana (Kokelezela amagama asebuningini)
Phonics – mhl, gq, thw


### 10 Ukuphepha emlilweni 20

Ukubhala: Nizeka lezi zithombe izinombolo ukhombise ukuthi zilandelana kanjani.
Ukubhala: Bhala amazwana ngesithombe.

Ulimi: Sebenzisa izimpawu zokubhala kule misho.
Ulimi: Amabizoqho, sebenzisa amabizoqho kule misho.
Masizijabulise: Siza abacishi-mlilo ukuze bathole indlela efanele.

### 11 Usuku lokuyofuna izincwadi 22

Ukufunda nokuqonda: Kuyafana nasekhasini loku-1 lokuzebenzela.
Imisindo: Kokelezela amagama anomsindo lw, kw kule ndaba.
Ulimi: Sebenzisa amagama akwesokunxele nakwesokudla ukwakha umusho ombaxa usebenzisa isihlanganiso "Uma" (uveze ngawo imbangela nomphumela).
Imisindo: ncw, mth, mf, n



### 12 Izincwadi zokufunda 24

Bhala imibono ngencwadi oyifundile.
Thola amagama anemvumelwano
Ukukhuluma: Dweba izimpawu zalokhu okulandelayo bese uchazela umngani ukuthi izimpawu lezo zimayelana nani.

### 13 Izinto esizithandayo 26

Ukufunda nokuqonda: indlela yokupheka
Imisindo: mm, qh, hh
Umdlalo wokuzijabulisa ngemibuzo ekhethisayo.

### 14 Ngubani othandani? 28

Ukubhala: Ingxoxo nabangani bese kugcwaliswa ithebula.
Bhala uchaze indlela yokupheka ukudla okuthandayo.
Ulimi: Hlanganisa imisho – Inhloko nesenzeko emshweni.

### 15 Sivakashelwe wumuntu esingamazi esikoleni 30

Dlalani umdlalo wembuzi efike esikoleni kungalindelekile.
Imisindo: mth, dl, mv

### 16 Imbuzi yasesikoleni 32

Ukubhala: Nikeza lezi zithombe izinombolo ngokulandelana kwezehlakalo endabeni. Bhala umusho ngesithombe ngasinye.
Bhala incwadi yezindaba usebenzise okusikwayo okunikiwe. Indaba kumele ibe nesingeniso, umzimba nesiphetho.




ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 3 2019/04/02 11:10:12

# 1 Ngibuyile esikoleni



**Masikhulume** Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.




**Masifunde**

Asive sijabule njengoba sesenza iBanga lesi-3.

"Ngenhlanhla ngizoba uthisha wenu," kusho uThisha uNkosikazi Dlamini.

"Ngiyazi ukuthi nizosebenza ngokuzimisela kuleli banga," kusho yena.

"Kunabantwana ababili abasha. UPhika noLina," kusho yena.

ULina uhamba ngesihlalo sabakhubazekile. Sizomthatha simbonise isikole.






ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 2 2019/01/02 11:10:13


Usuku:

Ikilasi labo lihle lihlanzekile.

Kunephosta odongeni ebhalwe ukuthi ikilasi alihlale lihlanzekile.







Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| inhlanhla | enhle | inhliziyo | inhloko | izinhlungu |
| intwala | entweni | ntweza | abantwana | intwasahlobo |
| mthinte | mthethise | mthele | umthetho | mthulise |



Masibhale

Phendula le mibuzo bese uqedela imisho. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.

| |
|---|
| Benza liphi ibanga manje? |
| Benza |
| Ubani ohamba ngesihlalo sabakhubazekile? |
| |
| Kungani kunesikhangisi esikhulu odongeni? |
| Sibakhumbuza ukuthi |
| Ngobani abantwana ababili abasha? |
| Abantwana abasha ngu- no- |

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 3 2019/01/02 11:10:14

# Ngibuyile esikoleni






**Masenze lokhu** Xoxa nomngani wakho mayelana nemidlalo oyithandayo.






**Masibhale** Bhala amagama amani abangane bakho uwalandelanise ngezinhlamvu zokuloba.

| | | | |
|---|---|---|---|
| 1 | | 3 | |
| 2 | | 4 | |



**Sisebenza ngamagama** Kokelezela amagama okumele aqale ngofeleba. Funa amagama abantu noma ezindawo. Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

## Amabizo



| | | | |
|---|---|---|---|
| amasokisi | umbasa | izicathulo | ethekwini |
| unkosikazi dlamini | ujabu | ubebe | olwandle |
| uthisha | indlu | ngesonto | umasingana |
| egoli | ibhayisikili | ibhasi | polokwane |





Gcwalisa leli khadi elimayelana nawe. **Masizijabulise**

Igama lami ________________________________________ .

Ngenza iBanga ____________ . Ngineminyaka ______________ .

Igama lomngani wami ________________________________ .

Umdlalo engiwuthandayo ______________________________ .

Ibhuku engilithandayo ________________________________ .



ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 4 2019/01/02 11:10:15

Usuku:



Masibhale

Bhala imisho emibili ngawe, izinto ozithandayo kanye nokuthi ngobani abangani bakho.




**Amagama okubhekisiswa**

lomngani


ngineminyaka

umdlalo



Masizijabulise

Buka le phosta emayelana nokugcina isikole sihlanzekile. Xoxela umngani wakho ukuthi ithi iphosta kumele kwenziweni. Ungabhala eminye imisho uyengeze kuphosta. Bhala ngesandla esihle.





**Yekela ukuba yibhungane elingcolile.**

**Yiba yibhungane elihlanzekile.**

Gcina isikole sakho sihlanzekile.

Cosha Amaphepha. Sebenzisa Umgqomo Kadoti.

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 5 2019/04/02 11:10:16

# 3 Usuku lukathisa lokuzalwa

**Masikhulume** Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.



**Masifunde**

Namuhla wusuku lokuzalwa lukathisha wethu. Ubenamakhandlela amaningi ekhekheni lakhe.

Emva kokuthi uThisha uNkosikazi Dlamini ewaphephethe wonke, siye sacula iculo sadla ikhekhe.



Simphe isipho sesithombe sedada elihlezi etsheni.

Sabe sesibhala amagama ethu ekhalendeni.

Usuku lukaMimi lokuzalwa lungoNdasa. OlukaBongi lungoNhlangulana. OlukaLina lungoNhlaba.




ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 6 2019/04/02 11:10:17

Usuku:



Masibhale


Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.



Ubani ozalwa namuhla?

Ngubani lo ozobe egubha usuku lokuzalwa ekwindla?

Ngabe uBongi uzokwazi ukubhukuda mhla egubha usuku lokuzalwa? Usho ngani?



Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| indlu | indlela | indlamu | indlulamithi |
| umvemve | imvu | imvelo | uvemvane |
| umpheki | umphathi | umphako | mphikise |



Masibhale

Bhala la magama ezinto emakhadini afanele. Sebenzisa la magama.

isicathulo, uJabu, eThekwini, isikole iNhlanhleni, u-Anele, eGoli, ipeni, ideski, iPolokwane


| UMUNTU | INDAWO | INTO |
|---|---|---|
| | | |
| | | |
| | | |

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 7 2019/01/02 11:10:18


# Isifiso sosuku lwami lokuzalwa engisasifihlile




**Masenze lokhu**

Yenza ikhadi lokuzalwa lomuntu omthandayo. Bhala amazwi amahle ngaphambili ekhadini. Wabhala ngenhla kwesithombe. Bhala ngaphakathi manje umyalezo omnandi wosuku lwakhe olukhulu lokuzalwa.









**Masibhale**

Funda ibhuku likaBebe lezehlakalo bese uxoxa nabangani ngesifiso sikaBebe asifihlile sosuku lwakhe lokuzalwa.

Dayari ethandekayo 21 kuNdasa 2015

Uma ngiba neminyaka eyisishiyagalombili ngenyanga ezayo, ngifisa ukuphiwa isipho esingajwayelekile. Angizifuni izinto zokudlala. Angifuni lutho olunye.
Ngifuna ubaba eze ekhaya
ngosuku lwami lokuzalwa khona
ezongithatha ayobukela nami ibhola lezinyawo.






ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 8 2019/01/02 11:10:19


# Usuku lwezemidlalo





Masikhulume Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.





Masifunde

"Kumele sisize ngoSuku Lwezemidlalo," kwasho uthisha.

ULina yena wathi, "Ngizokwenza isikhangisi ngazise abantu ngoSuku Lwezemidlalo."

"Ngizokwenza ummbila oqhunyisiwe engizowuthengisa," kusho uBongi.

"Ngizomsiza uJabu uma efaka ummbila oqhunyisiwe emaphaketheni," kwasho uMimi.

"Ngizothola amaculo esizowacula athandwa abantwana," kusho uJabu.

"Ngizoma entanjeni ngibone abanqobayo,"

kusho uBebe.

"Ngizoma esangweni ngamukele abazali

ngibakhombise lapho bezoya khona," kusho uPhika.





ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 10 2019/01/02 11:10:21

Usuku:



**Masibhale**

Buka lolu hla lwezinto ezizokwenziwa.

isikhangisi | ummbila | intambo | amaculo | isango | ezemidlalo

| Wabhale alandelane nge-alfabhethi. | | | |
|---|---|---|---|
| 1 | | 4 | |
| 2 | | 5 | |
| 3 | | 6 | |



**Sisebenza ngamagama**

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.


| | | | |
|---|---|---|---|
| msuse | indwangu | wathintwa | ingwe |
| msukumise | sindwa | esontweni | ingwenya |
| msule | walandwa | intwala | iyasengwa |



**Masibhale**

Buka lolu hla lwezinto ezizokwenziwa.Gcwalisa igama lomuntu ozokwenza umsebenzi. Yisho ukuthi lowo msebenzi uzokwenziwa ngaphambili yini noma ngemva koSuku Lwezemidlalo.

**USUKU LWEZEMIDLALO**


| Okudinga ukwenziwa? | Umuntu ozokwenza? | Akwenze ngaphambili noma emva koSuku Lwezemidlalo Esikoleni? |
|---|---|---|
| Ukubhala iphosta. | uLina | Ngaphambi  |
| Ukwenza ummbila oqhunyisiwe. | | |
| Ukufaka ummbila oqhunyisiwe emaphaketheni. | | |
| Ukuqamba amaculo. | | |

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 11 2019/01/02 11:10:22

# 6 Usuku olumnandi esikoleni



**Masenze lokhu**

Buza abangani abathathu ukuthi bathanda miphi imidlalo.
Gcwalisa amagama abo bese ulandelisa ngemidlalo abayithandayo.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| Igama | uThandi | | | |
| Umdlalo owuthandayo | Ibhola lomnqakiswano | | | |



**Masibhale**

Bhala izinombolo kula maqoqo amagama ukukhombisa izinhlamvu ngokulandelana kwe-alfabhethi. Ibhokisi lokuqala wenzelwe lona.



| | |
|---|---|
| 3 | thula |
| 1 | thela |
| 2 | thola |

| | |
|---|---|
| | hlola |
| | hleka |
| | hlala |

| | |
|---|---|
| | shanela |
| | shisa |
| | shona |

**Masibhale**

Qedela la magama. Bheka isibonelo.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| thwasa | + | ihlobo | = | intwasahlobo |
| phela | + | isonto | = | |
| khala | + | ekhukhwini | = | |
| bona | + | kude | = | |





ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 12 2019/01/02 11:10:23

Usuku:




Masibhale

Bhala imisho emithathu ngohlobo oluthandayo lomdlalo.




| Amagama okubhekisiswa |
| --- |
| lomnqakiswano |
| lezandla |
| lezinyawo |





Masizijabulise

Siza uLina ukubhala iphosta enkulu eyazisa umphakathi ngoSuku lwezemidlalo esikoleni. Bhalani igama lesikole. Dwebani izithombe kwiphosta nikhombise ukuthi kuzobe kwenzekani ngalolu suku. Fakani nokunye enibona ukuthi kuzodingeka. Khombisani abangani benu iphosta uma seniqedile.



Isikole



USUKU LWEZEMIDLALO



Masizobukela imidlalo esikoleni ngoMgqibelo mhla zi-5 kuNdasa. Iqala ngehora le-10 ekuseni

UTHISHA: Ukusayina Usuku



ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 13 2019/01/02 11:10:24


# 7 Usuku lwezemidlalo luphazanyiswa yimvula



Masikhulume

Buka isithombe bese uxoxa ngokubonayo.





Masifunde



Kwaba kuhle kuwo wonke umuntu ngosuku lwezemidlalo esikoleni. Izulu lalifudumele, libalele, kusehlobo. Omama bethu nobaba babecula bejabule. Thina sigijima. Kukhona ababememeza bethi, "Mshiye! Mshiye!" Kumnandi kudelile. Dukuduku, laqala ukuna. Laduma sathwala izandla sabaleka. Saba manzi sagodola, kwabanjwa kwayekwa. Umoya waphephula amaphosta ethu awa.
Sangena emaklasini salinda khona. Saze saya ekhaya seliyekile ukuna izulu.




ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 14 2019/01/02 11:10:25


Usuku:




Masibhale

Dweba umugqa uqondanise igama elifushane nelide elihambisana nalo.





| | | |
|---|---|---|
| iso | | ilitshe |
| itshe | | ilizwe |
| iwa | | iliwa |
| izwe | | iliso |



Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.



| | | | |
|---|---|---|---|
| umshanelo | mshiye | mshise | mshaye |
| belethwa | ethwele | ethathwa | umthwalo |
| thenjwa | injwayelo | kuyahanjwa | iyabunjwa |





Masibhale

Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.


| |
|---|
| Yini eyaphazamisa usuku lwezemidlalo esikoleni ukuba liqhubeke? |
| |
| Kwabalekwa kwayiwa kuphi ukuyocashela imvula? |
| |
| Uma ubheka babeye basilalela isimo sezulu? Usho ngani? |
| |
| Ungathi sithini isihloko sale ndaba. |
| |

UTHISHA: Ukusayina ________ Usuku ________



ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 15 2019/04/02 11:10:27

# 8 Emva kosuku lwezemidlalo



Masenze lokhu

Dlalani umdlalo wokulingisa ukuthi kwenzekani ngenkathi kuqala imvula ngoSuku Lwezemidlalo Esikoleni.





Masibhale

Bhala amazwi abawakhulumile usebenzise izimpawu ezifanele.

inkulumo-mbiko





Imvula iqala ukuna.

U-Ana wathi, "Imvula iqala ukuna."



Ngingagijima ngejubane.

UJabu uthe, "______________________________

______________________________."

UBongi uthe, "______________________________

______________________________."

Ngithanda ukudlala ibhola lomnqakiswano.





Ngenani endlini yokufundela ize idlule imvula.

UThisha uthe, "______________________________

______________________________."



ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 16 2019/01/02 11:10:29

# Indlu yezimpahla zesikole iyasha



**Masikhulume** Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.

**Masifunde**



Namhlanje besisekilasini ngesikhathi sizwa kunuka intuthu.

USipoti uye obenikina ikhala enuka. Besimangele sonke ukuthi kunukani?



Size saya phansi kwezihlahla safika sama khona senza umugqa.

Sasesibona indlu yezimpahla zesikole isha. Uthisha uye washayela abacimi bomlilo. Inombolo yabo ngu-10177.



Kufike amadoda ayisithupha ezocisha umlilo. Abebophe amabhande amakhulu, efake izimfonyo emlonyeni.



Afike ngeloli elithwele izinto eziningi zokucisha umlilo.

Asebenzise ithumbu elikhulu ukucisha umlilo. Ayishanga yonke indlu yezimpahla zesikole.



ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 18 2019/01/02 11:10:30

Usuku:

# Izabizwana

Masibhale Kokelezela amagama kulawa angezansi ayisabizwana soqobo

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Mina | thina | yimi | yibo | yena | bona | kwethu | kwami |
| kwabo | kwakho | wena | nina | kwakhe | kwenu | eyami | eyakho |

Khetha ukokelezele igama elifanele. Bhala

| | | | |
|---|---|---|---|
| Yena | uya | baya | gijima |
| Bona | uya | baya | esikoleni. |
| Yena | uya | baya | funda. |

| | | | |
|---|---|---|---|
| UBongi | uya | baya | ngumnqobi. |
| Izingane | ziya | baya | kwezemidlalo. |
| UBebe | uya | baya | uyadlala. |

Sisebenza ngamagama Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| omhlophe | umhlola | mhloniphe | mhlekise |
| isigqoko | isigqiki | ngoMgqibelo | ukugqiza |
| isithwathwa | ithwasa | ukuthwala | abaThwa |

Masibhale Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.

| |
|---|
| Yini eyayisha? |
| Yi- |
| Bangaki abacishimlilo abafika? |
| |
| Kungani uthisha uNkosikazi Dlamini athi abantwana abame umugqa phansi kwesihlahla? |
| Kungoba |


Ithini inombolo yabezicishamlilo?

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 19 2019/01/02 11:10:31

Usuku:

## Masibhale

Faka uphawu olufanele ebhokisini

Sebenzisa umbuzi **?** isibabazo **!** ungqi **.**

| | |
|---|---|
| Sizani, izimpahla zesikole ziyasha | ! |
| Kwafika abacishimlilo abayisithupha bazocima umlilo | |
| Bawucisha kanjani umlilo | |
| Ukuphi umlilo | |
| Uvuthe nini umlilo | |

**Amagama okubhekisiswa**

izimpahla
kwafika
uvuthe
ziyasha



## Amabizo


## Sisebenza ngamagama

Dwebela amagama okumele aqale ngofeleba.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| ubongi | utumi | umasingana | ikati | umashi |
| ikapa | ubebe | umsombuluko | dlala | ulwesithathu |
| ixoxo | ipolokwane | ethekwini | igoli | libalele |
| upetro | ujabu | ipeni | irula | ipeni lomsizi |

## Masizijabulise

Siza abacishimlilo bakwazi ukufinyelela endlini ebomvu, esatshani kanye nesasibhakabhaka.






ZUL HL Gr3 B1 THI.indd 21 2019/01/02 11:10:33

# Usuku lokuyofuna izincwadi





Masikhulume Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.






Masibhale Thola ukokelezele amagama anomsindo **lw** no **kw**.

Namuhla thina besisemtatsheni wezincwadi.

UBongi ubehamba ngesihlalo sakhe sabakhubazekile. Siyasinda sona uma usidudula.

Bekunezincwadi eziningi impela emtatsheni wezincwadi.

Ngithande incwadi ekhuluma ngehhashi. Leli hhashi lona lalikwazi ukundiza.

UBongi simtholele incwadi enezindlela zokubhaka ikhekhe. Yena phela uthanda ukubhaka.

USipho mfushane. Akakwazanga yena ukufinyelela ezincwadini eziphezulu. USipoti yena ubelinde ngaphandle. Akavunyelwe ukungena emtatsheni wezincwadi.

Phela uSipoti yinja. Izinja azingeni.





ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 22 2019/01/02 11:10:34

Usuku:






**Masibhale**

Qondanisa amagama akwesokunxele nalawo akwesokudla ukuze kwakheke umusho ophelele.

| | |
|---|---|
| Akazange aye esikoleni ngoba | bekuwusuku libalele. |
| Ngiye ngagqoka ijezi ngoba | libukeke njengemvula. |
| Ngihambe nesambulela ngoba | ubegula. |
| Ngidlale ngaphandle ngoba | bekubanda. |



**Sisebenza ngamagama**

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.




| | | | |
|---|---|---|---|
| incwadi | umthetho | umfula | yini |
| kumuncwana | mthathe | umfana | okwabani |
| incwancwa | mthume | umfowethu | kungani |



**Masibhale**

Phendula le mibuzo ngokuqedela umusho ngamunye.
Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.



| |
|---|
| Yini uMimi ebe nenkinga yokududula isihlalo sikaBongi? |
| Kungoba sona |
| Yini uSipho engafikeli ezincwadini eziphezulu? |
| Kungoba yena |
| Yini uBongi ethathe incwadi yokupheka? |
| Kungoba yena |
| Kungani uSipoti esale ngaphandle? |
| Kungoba yena |

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 23 2019/01/02 11:10:35

Usuku:



## Masibhale


Qondanisa amagama asebhokisini eliphuzi nalawo asebhokisini eliluhlaza okwesibhakabhaka ngokwemisindo ecishe ifane.

| | | |
|---|---|---|
| imi | | veza |
| vela | | ingwe |
| uze | | ima |
| izwe | | ume |

| | | |
|---|---|---|
| lala | | sula |
| butha | | wela |
| thela | | sala |
| susa | | thutha |

### Amagama okubhekisiswa

- nini
- wena
- manje
- namuhla






## Masizijabulise

Dweba izimpawu zale mithetho elandelayo bese uchazela umngani ukuthi zimayelana nani.





Azivunyelwe izinja.




Awavunyelwe amavuvuzela.





Abavunyelwe omakhalekhukhwini.



Azivunyelwe izimbuzi.

# 13 Izinto esizithandayo



Masikhulume

Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.



UBongi ukhombisa abantwana ukuthi wenziwa kanjani ummbila oqhunyisiwe.

Masifunde

## Umshini wokwenza ummbila oqhunyisiwe



**Okudingekayo**

2 izipuni zamafutha okupheka
Uhhafu wenkomishi yommbila ozoqhunyiswa
Usawoti

**Okudinga ukwenze**

Faka amafutha okupheka ebhodweni.
Faka ummbila ozoqhunyiswa ebhodweni.
Beka ibhodwe esitofini. Qaphela ungazishisi.
Lalela uzozwa uma sewuqhuma ummbila.
Uzoqhuma uqhume bese uthula. Vula ibhodwe-ke.

**Cisha isitofu.**

Faka ummbila oqhunyisiwe endishini bese uthela usawoti phezulu. Nyakazisa ibhodwe.

**Sewungawudla-ke manje.**



ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 26 2019/01/02 11:10:39

Usuku:

**Masibhale** Thola impendulo efanele bese uyikokelezele.

| Amafutha kumele abe ngakanani? | |
|---|---|
| A | Isipuni esisodwa |
| B | Izipuni ezimbili |
| C | Izipuni ezintathu |

| Yini enye oyidingayo? | |
|---|---|
| A | Ummbila oqhunyisiwe |
| B | Ummbila oqhunyisiwe nosawoti |
| C | Ubhanana |

| Kudingeka ngani ukuthi uqaphele uma wenza ummbila oqhunyisiwe? |
|---|
| |

| Uzokwazi kanjani ukuthi ummbila oqhunyisiwe sewuvuthiwe? |
|---|
| |

**Sisebenza ngamagama** Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| ummbila | ummese | ummango | mmise | mmeme |
| Qhuba | qhuma | iqhude | iqhalaqhala | qhuzuka |
| Ihholo | hhalala | hhawu | hhe | ihhovisi |

**Masibhale** Zinambitheka kanjani lezi zinto ezilandelayo?
Thola uphinde ukokelezele impendulo efanele.



| | |
|---|---|
| A | kuwushukela |
| B | kumuncu |
| C | kuyababa |
| D | kunosawoti |



| | |
|---|---|
| A | kuwushukela |
| B | kumuncu |
| C | kuyababa |
| D | kunosawoti |



| | |
|---|---|
| A | kuwushukela |
| B | kumuncu |
| C | kuyababa |
| D | kunosawoti |



| | |
|---|---|
| A | kuwushukela |
| B | kumuncu |
| C | kuyababa |
| D | kunosawoti |

UTHISHA: Ukusayina ________ Usuku ________



ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 27 2019/01/02 11:10:41

# Ngubani othandani?





| Uthanda kuphi? | ezinsukwini sesonto? | ezinhlotsheni zemidlalo? | okuyibhuku? |
|---|---|---|---|
| Igama lami | | | |
| Igama lomngani | | | |
| Igama lomngani | | | |



Masibhale

Dweba umugqa uxhumanise imisho ebhokisini eliluhlaza kanye nemisho efanele kukholamu ephuzi.

| | | |
|---|---|---|
| Kubukeka sengathi lizona. | | Ngishayele abezicishamlilo. |
| Kubukeka sengathi lizobanda. | | Ngisike isinkwa. |
| Bengiyodlala ibhola. | | Ngilande iladi. |
| Ibhasi belisha. | | Ngigqoke ijezi ngaya esikoleni. |
| Ikati belisesihlahleni lingakwazi ukwehla. | | Ngihambe nesambulela ngaya esikoleni. |
| Bengifuna sizijabulise ngokwenza isinkwa. | | Ngenze ikhadi losuku lokuzalwa. |
| Bekuwusuku lomngani wami lokuzalwa. | | Ngilulungisile ucingo. |
| Imbuzi iphume embotsheni yocingo. | | Ngihambe nezicathula zebhola ngaya esikoleni. |



ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 28 2019/04/02 11:10:41

# Sivakashelwe wumuntu esingamazi esikoleni

















## ISINGENISO SENDABA

Besisekilasini sisebenza namuhla. Besibhala. UBongi uye wasitshela ukuthi kukhona othathe ukudla kwakhe. Kodwa asibonanga muntu emthathela.

## UMZIMBA WENDABA

UBebe uthe kukhona odabule incwadi yakhe nakuba singabonanga muntu eyithinta.

Masinyane sathola ukuthi izimbali zikathisha asisaziboni. Samangala ukuthi sekwenzekeni kuzona.

## ISIPHETHO SENDABA

Sijabulile ngoba uSipoti uyisukelile wayigijimisa. Uyigijimise ibanga elingangekhilomitha elilodwa. Emva kwalokho sasebenza silungisa ucingo lwesikole.



ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 30 2019/04/02 11:10:41

Usuku:

## Masenze lokhu

Dlalani indaba yembuzi efike esikoleni.



## Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| mthele | mthathe | mthethise | mthuthe | mthume |
| dlulisa | dlalisa | dlisa | dlela | dlala |
| mvuse | mvulele | umvelase | mvakasheleni | emva |

## Masibhale

Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.

| |
|---|
| Yiziphi izinto ezintathu ezidliwe yimbuzi? |
| 1. |
| 2. |
| 3. |
| Ingene kanjani imbuzi esikoleni? |
| |
| |
| Ngubani oyigijimisile imbuzi? |
| |
| Thola isihloko esihle sale ndaba usibhale lapha. |
| |

# Imbuzi yasesikoleni





## Masibhale

Bhala inombolo yezithombe ngendlela efanele, bese ubhala umusho ngesithombe ngasinyo.











## Masizijabulise

Bhala indaba yakho ephepheni. Kumele ibe nesingeniso, umzimba kanye nesiphetho. Cela umngani akusize nilungise amaphutha kuyo. Yenza incwadi yakho-ke manje. Sika ikhasi lencwadi. Sika ulandele amachashazi. Goqa iphepha ulandele umugqa wamachashazi. Bhala isihloko sebhuku ekhaveni. Bhala igama lakho ngezansi kwesihloko ngoba nguwe umbhali. Dweba isithombe ekhaveni. Bhala indaba-ke manje kule ncwadi.



ZUL HL Gr3 B1 TH1.indd 32 2019/01/02 11:10:45



Isihlalo sabakhubazekile

# Indikimba 2: Umndeni nabangani Ithemu 1 Amasonto 5–10

## 17 Umzala wami engimthandayo 36

Ukukhuluma: Sebenzisa imidwebo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani.
Ukufunda nokuqonda: Funda incwadi evela kuDumi iya kuBongi. Qaphela ukuthi ibhalwe kanjani ikheli nesibingelelo. Umsebenzi wokuqonda okubhaliwe.
Imisindo: chw, khw, qhw

## 18 Umzala wami 38

Ukukhuluma: Xoxa ngemidlalo enhlobonhlobo othanda ukuyidlala. Ikhona eyingozi kule midlalo? Okubhalwayo
Ukubhala: Bhala incwadi. Yisho ukuthi uyaye wenzeni esikoleni, ukwethule sengathi ufunda izindaba.
Dweba isihlahla esiveza amalungu omndeni wakho. Gcwalisa ngamagama amalungu omndeni (amabizoqho)

## 19 Sivakashele umndeni 40

Ukukhuluma: Khuluma ngesithombe uveze ukuthi yini elindeleke ukwenzeka endabeni.
Ukufunda nokuqonda: Indaba
Imisindo: mj, mp, ndw.

## 20 Ngisendleleni ngivakashela umzala 42

Ukubhala: Yenza ikhadi elifisela impilo umuntu omaziyo ogulayo.
Ulimi: Ukuguqula imisho isuke enkathini yamanje iye kwezayo ngokuqala ngegama elithi Kusasa
Ukubhala: Bhala phansi uchaze izinto ezikwenza ujabule, udumale, uthukuthele noma ube nokwesaba.
Ukukhuluma: Thola indlela eya lapho ufuna ukuya khona.
Chazela umngani wakho ngomlomo indlela eya kubo kaDumi.

## 21 Safika ekugcineni 44

Ukufunda nokuqonda (indaba)
Ukubhala: thola amagama anale misindo endabeni uwabhale kukholamu efanele: nkw, nsw, ndw
Imisindo: mb, ph.

## 22 Esikwenze ndawonye 46

Ukukhuluma: Guqulani indaba ibe wumdlalo bese niwudlala.
Ukubhala: Faka izimpawu zokubhala kule misho
Ukubhala: Phinda ubhale le misho ibe senkathini edlule uqale ngegama elithi Izolo.
Dlalani umdlalo nikhombise imisindo eseniyifundile kusukela ekuqaleni kuze kube manje.

## 23 Ulahlekile uthedibhe 48

Ukufunda nokuqonda: Funda indaba uphendule imibuzo elandelayo.
Imisindo: Kokelezela amagama analezi zinhlamvu th, bh.
Imisindo: ndl, ngw, bh, th.

## 24 Sikutholile obekulahlekile 50

Ukubhala: Izithombe ezilandelana ngendlela exoxa indaba.
Bhala umusho ngesithombe ngasinye
Ukubhala: Ukuqhathanisa izenzo ezisenkathini ezayo nezisenkathini edlule
Masizijabulise: thola umahluko (izincazelo)

## 25 Sekulahleke uTumi 52

Ukufunda nokuqonda: Indaba
Imisindo: qw, qhw, dl, nkw.
Ulimi: Izenzo nezinkathi, izolo, namuhla noma nakusasa.

## 26 Ukuphepha kwabantwana 54

Ukubhala: Bhala indaba uxoxe ngokuthi kwenzekani ngenkathi ulahlekile.
Ulimi: Izivumelwano
Ukubhala: Nikeza imisho izinombolo ukhombise ukuthi indaba inezehlakalo ezilandelana kanjani.
Ukukhuluma: Thola indlela bese usho kumngani wakho ukuthi indlela leyo ihamba kanjani.

## 27 Sigubha usuku lukamkhulu lokuzalwa 56

Ukufunda nokuqonda: Funda isimemo esivela kumuntu oyogubha usuku lokuzalwa.
Imisindo: ng, nq, sh, hl
Ukubhala: Yakha imibuzo eqala ngegama yini bese ubhala umbuzi ekugcineni.

## 28 Imigubho nemibungazo 58

Ukukhuluma: Yenza ucwaningo. Gcwalisa ithebula elilandelayo ngamagama asebenza uma sibuza imibuzo.
Ulimi: Masithole izenzo ezisenkathini edlule.
Ulimi: Ukuqhathanisa izenzo ezisenkathini edlule neyamanje.
Ulimi: Bhala imisho esenkathini edlule, uqale ngegama elithi Izolo
Ulimi: Ngokulandelana kwe-alfabhethi
Ukubhala: Bhala isimemo somgubho wosuku lokuzalwa.

## 29 Umndeni ophilile 60



Ukufunda nokuqonda: Funda idayari kaJabu
Imisindo: bh, th, ng, hl, dl, mv
Imisindo: Hlela amagama ngokuwafaka emabhokisini afanele.

## 30 Ukugcina isikhathi 62

Gcwalisa ngezikhathi okwenzeke ngazo izehlakalo ezibhalwe kudayari kaJabu.
Ukubhala: Bhala imisho ibe senkathini edlule ukhulume ngezinto ozenze izolo. Qala ngegama elithi “izolo”.
Ukubhala: Qedela idayari ebhalwe izinto ozozenza ngesonto elizayo.
Ukufunda: Funda okubhalwe ngumngani wakho ubheke ukuthi wena ungakwenza yini.
Dlalani umdlalo wezinyoka namalada. Sika ikhasi elinalo mdlalo ngemuva encwadini.


## 31 Indaba kagogo 64

Ukufunda nokuqonda: Funda indaba ekhuluma ngokhamba lobumba olwakhiwe ngugogo.
Imisindo: bh, hl, kw, ng.

## 32 Indaba ixoxwa wumndeni 66

Ukukhuluma: Dlalani umdlalo ngendaba emayelana nokhamba olwakhiwe ngobumba.
Ukubhala: Nikeza le misho izinombolo ezizoveza ukulandelana kwezehlakalo endabeni.
Ukubhala: Lungiselela ukubhala indaba usebenzise leli balazwe lemibono.
Ukubhala: Bhala incwadi yezindaba usebenzise okusikwayo okunikiwe. Indaba kumele ibe nesingeniso, umzimba nesiphetho.

# 17 Umzala wami engimthandayo



**Masikhulume** Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.





I Section BB
Esihlahleni Road
Imbali Township
5 kuNdasa 2015

Bongi Othandekayo

Ninjani, mzala wami?

Ingqondo yami ihlala ikhumbula isikhathi owasivakashela ngaso ngamaholide adlule. Uyakhumbula ukuthi sadlala emfuleni, sigijimisa onoshobishobi. Sagibela ezihlahleni, sikha izithelo. Ubani kambe owasixwayisa ukuthi singawi?

Kwakungeve kumnandi. Uwena kambe owathi izinwele zami zidinga ikama? Wangikama.

Sesivulile-ke manje esikoleni. Silungiselela ikhonsathi.

Singajabula kakhulu uma ungeza ekhonsathini. Mina ngiyasina umfowethu ushaya izigubhu.

Ngifisa sengathi singabhala incwadi sikucele usivakashele futhi.

Umzala wakho,

uDumi





ZUL HL G3 B1 TT2.indd 36 2019/04/02 11:12:41

Usuku:




**Masibhale**

Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.



| Amagama okubhekisiswa |
|---|
| wabuka |
| biza |
| buzile |


| |
|---|
| Ubani obhale incwadi? |
| |
| Iya kubani incwadi? |
| |
| Ibhalwe ngaluphi usuku incwadi? |
| |
| Imayelana nani incwadi? Bhala phansi izinto ezimbili. |
| 1. |
| 2. |
| Uzokwenzani uDumi ekhonsathini yesikole? |
| |



**Sisebenza ngamagama**

Funda la magama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

| | |
|---|---|
| ichwane | ikhwapha |
| iqhwa | chwensa |
| khwela | qhweba |





| | | | |
|---|---|---|---|
| uyafika | ufikile | ukubheka | ukusina |
| uyama | umile | ukucula | ukushesha |
| uyasho | ushilo | ukusuka | ukulungisa |

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr3 B1 TH2.indd 37 2019/04/02 11:12:41

# 18 Umzala wami



**Masikhulume**

Xoxa nomngani wakho ngezinto ozenzayo uma udlala nabanye abantwana. Ikhona imidlalo eyingozi emidlalweni eniyidlalayo? Xoxa ngomndeni wakho nangesikole sakho.



**Bhala**

Bhalela umzala wakho incwadi. Yisho ukuthi wenzani esikoleni uphinde umxoxele ngomndeni wakho.



Bhala ikheli lakho

____________________

____________________

Bhala ikheli lakho ____________________

Othandekayo ____________________

________________________________________

________________________________________


________________________________________

________________________________________

________________________________________

________________________________________

________________________________________



Yimina,

________________________________ Bhala igama lakho.




ZUL HL G3 B1 TT12.indd 38 2019/04/02 11:12:42

# Sivakashele umndeni



**Masikhulume** Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.



**Masifunde**

Umama kaDumi uyagula. UBongi nonina bazomvakashela. UBongi uzovakashela umzala wakhe uDumi. Uzomjabulela kakhulu.

Bapakisha izingubo. UBongi ulungisa isipho azosinika uDumi. Wenza nekhadi lokufisela unina kaDumi ukusinda. Bazohlala izinsuku ezimbili impela.

Itekisi yabo izohamba ebusuku. Izokhanyisa kanti nenyanga izobe ikhona. Kusasa oDumi noBongi bazodlala nabantwana emfuleni. UDumi phela uthandwa abantwana. Bazozama nokuthola izithelo ngasemfuleni.





ZUL HL G3 B1 TT12.indd 40 2019/04/02 11:12:48

Usuku:



Masibhale

Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.



| Amagama okufanele akhunjulwe |
|---|
| umfula |
| ukuhamba |
| wagxuma |

| |
|---|
| Uyaphi uBongi? |
| |
| Uhamba nobani uBongi? |
| |
| Bamvakashelelani uDumi? |
| |
| Uzokwenzani uBongi uma efika kubo kaDumi? |
| |
| Bazohamba ngani? |
| |
| Bazohamba nini? |
| |



Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.





| | | |
|---|---|---|
| mjikijele | impisi | sindwa |
| mjabulele | impangele | khandwa |
| mjikise | impofu | gundwa |

# Ngisendleleni ngivakashela umzala





**Masenzeni lokhu**


Yenza ikhadi lokufisela ogulayo ukuthi asinde. Bhala umyalezo ngaphambili ekhadini. Wubhale ngenhla kwesithombe. Phakathi ubhale umyalezo ofisela ombhalelayo ukuthi asinde.







**Inkathi ezayo**





**Masibhale**

Phinda ubhale le misho, qala ngegama elithi Kusasa.

| |
|---|
| Ngidla ukudla kwami. |
| Kusasa ngizodla ukudla kwami. |
| Ngiya kubo kaDumi. |
| Kusasa |
| Ngidlala noDumi. |
| Kusasa |
| Sihamba ngetekisi. |
| Kusasa |




ZUL HL Gr3 B1 TT12.indd 42 2019/04/02 11:12:50


Usuku:



Masibhale


Bhala umusho usho ukuthi yini ekujabulisayo, ekuphatha kabi, ekuthukuthelisayo kanye nekwesabisayo.

| | |
|---|---|
|  | Yini ekwenza ujabule? |
| | |
|  | Yini ekwenza ukhathazeke? |
| | |
|  | Yini ekwenza uthukuthele? |
| | |
|  | Yini ekwenza wesabe? |
| | |



Masizijabulise

Azisa umngani ukuthi kuyiwa kanjani kubo kaDumi. Yisho ukuthi ajikele nini kwesokudla noma kwesokunxele umngani wakho.






ZUL HL Gr3 B1 TH2.indd 43
2019/04/02 11:12:54

# Safika ekugcineni



Masikhulume Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.



Masifunde

Yafika itekisi kubo kaDumi. Bekuyihora lesi-8 ezimpondweni.

"Saze safika," kusho uBongi, washo evula bangena.

Wajabula uBongi ukubona umzala wakhe. "Hawu, Dumi," kunswininiza uBongi.

"Woza siyobona onoshobishobi emfuleni," kumemeza uDumi.

"Cha!" kusho umama kaDumi, "Hlalani phansi nobabili nidle."

"Ngifuna ukugibela esihlahleni epaki," kusamemeza yena uBongi.

"Cha, awukwazi ukugibela esihlahleni ngalesi sikhathi. Hlalani phansi nidle isinkwa," kusho unina.






ZUL HL G3 B1 TT12.indd 44 2019/04/02 11:12:56

Usuku:



Masibhale

Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.



| Lifike ngasikhathi sini itekisi kubo kaDumi? |
| --- |
| |


| Yini afune ukuyenza kuqala uDumi? |
| --- |
| |

| Ngabe kube wumbono omuhle ukuthi badlale eduze komfula ebusuku? Usho ngani? |
| --- |
| |
| |
| |



Sisebenza ngamagama

Thola amagama anale misindo endabeni ugcwalise ngawo ezikhaleni.



| sh | hl | ns |
| --- | --- | --- |
| | | |
| | | |

**Amagama okubhekisiswa**

into
ukwazi
ukubizwa



Masibhale

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.



| | | |
| --- | --- | --- |
| imba | umakhi | umpheki |
| umembeso | umongameli | umphako |
| imbila | imizi | phaka |

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr3 B1 TH2.indd 45 2019/04/02 11:12:57

# Esikwenze ndawonye






**Masenzeni lokhu**

Dlalani ukulingisa uDumi noBongi befuna ukuyodlala.
Khombisani umama kaDumi ethi abadle bese beyodlala.




**Masibhale** Bhala le misho usebenzise izimpawu ezifanele.



| |
|---|
| ubongi nodumi bazodlala ngomgqibelo |
| |
| ubebe uzoba neminyaka eyisithupha ngojuni |
| |





**Bhala** Bhala le misho kabusha, qala ngegama elithi Izolo.
Azokusiza la magama wasebenzise.

## Inkathi edlule

bengi | besi | uthose | ubhake | ngidlale

| |
|---|
| Ngisesikoleni. |
| Izolo - |
| Ngidlala nabangani bami. |
| Izolo - |
| Uthosa iqanda. |
| Izolo - |
| Ubhaka ikhekhe. |
| Izolo - |
| Sisesikoleni. |
| Izolo - |




ZUL HL Gr3 B1 TT12.indd 46 2019/04/02 11:12:58

Usuku:




Siyagijima siya kubo kaDumi

Ngubani ozofika kuqala kubo kaDumi? Phonsani imali ewuhlweza phansi. Uhlangothi olunekhanda lunivumela niye phambili kabili. Olungenakhanda lunivumela ukuya phambili kanye. Ozofika kuqala kubo kaDumi nguye onqobile. Uma ufika egameni lifunde. Kula magama kunomsindo omusha ozowufunda. Bhekisisa ukuthi mangaki amagama okwazi ukuwafunda.







ZUL HL Gr3 B1 TH2.indd 47 2019/04/02 11:13:00

# 23 Ulahlekile uthedibhe





**Masikhulume** Buka izithombe ukhulume ngokubonayo.











**Masifunde** Thola ukokelezele amagama anomsindo ph no ng.

Bekumnandi kubo kaDumi. UDumi ungiphe isipho esihle. Ungiphe uthedibhe. Unesikhumba esithambile.

Sibuyele ekhaya ngetekisi. Izulu liqale ukuna sisendleleni.

Kube sengathi ilanga lishonile kwabanda. Umama wangembathisa ngengubo ngafudumala.

Siphume ngemvula etekisini sayongena esangweni ekhaya. Ngitshele umama ukuthi angimboni uthedibhe.

Akekho. Bengithi wehlile etekisini. Ngavele ngakhala.

Bengikhalela ukuyomfuna etekisini.

Sambheka engutsheni efudumalayo. Nangu. Uphephile.


Ngajabula.






ZUL HL Gr3 B1 TT12.indd 48 2019/04/02 11:13:02

Usuku:



Masibhale

Khetha impendulo efanele. Eyokuqala wenzelwe kuyona.



| Ngubani uBongi? | |
|---|---|
| A | UBongi intombazana. |
| B | UBongi ngumfana. |
| C | UBongi uthedibhe. |



**Amagama okufanele akhunjulwe**

- okutholiwe
- okulahlekile
- ngaphakathi
- eceleni

| Imayelana nani indaba? | |
|---|---|
| A | UBongi udlala nomngani. |
| B | UBongi ugijima emvuleni. |
| C | UBongi ulahlekelwa wuthedibhe. |

| Izulu linjani endabeni? | |
|---|---|
| A | Belishisa. |
| B | Bekushisa, kwabanda, lana. |
| C | Line usuku lonke. |

Bhala izimpendulo zale mibuzo.

Uphatheke kanjani uBongi uma ethola ukuthi uthedibhe wakhe ulahlekile?

Ukwazi kanjani lokho?

Umtholephi uthedibhe wakhe?



Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.



| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| indlela | ingwenya | umbhede | ububi | thenga |
| yendlula | esangweni | embhekile | ubuthongo | thela |
| indlulamithi | ebuthongweni | ebhalele | ubugebengu | themba |

UTHISHA: Ukusayina ________ Usuku ________



ZUL HL Gr3 B1 TH2.indd 49 2019/04/02 11:13:02

# Sekulahleke uTumi



**Masikhulume** Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.



**Masifunde**

UBongi noMimi babeqaphele umntwana wakubo kaBongi, uTumi. UTumi uneminyaka emine.

UTumi ubedlala noSipoti inja.

OBongi benoMimi babona ukuthi isivalo sivuliwe. UTumi noSipoti babengekho.



Baphuma bangena emgwaqweni bahamba bememeza bebiza uTumi.

Babethukile ngoba kwasekuntambama.

Babona umama obethengisa ukudla ebaqhweba. Uma befika ekhoneni lomgwaqo bathola uTumi noSipoti behlezi naye lo mama.

OTumi noSipoti babedla isinkwa






ZUL HL Gr3 B1 TH2.indd 52 2019/01/02 11:13:06

Usuku:




Masibhale

Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.



| |
|---|
| Ubani obelahlekile? |
| |
| Kungani oMimi benoBongi bebethukile? |
| Bebethukile ngoba |
| Baze bamthola nini uTumi? |
| UTumi bamthole ngesikhathi |
| UTumi bamthole enzani? |
| UTumi bamthole |
| Ubenzani uTumi ngenkathi bemthola? |
| UTumi |



Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.



| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| qwa | qhwanda | isinkwa | idada | dlula |
| isiqwayi | qhweba | inkwali | udaba | dlala |
| qwaqwada | qhwiza | inkwethu | indoda | idla |


**Amagama okubhekisiswa**
ukwesaba
isicabha
ukubuka



Masibhale

Dwebela igama eliyisenzo emshweni ngamunye. Bhala uthi izolo, namuhla noma kusasa ukuveza ukuthi isenzo senzeka nini.

| | |
|---|---|
| Bazogibela uma beya esikoleni. | Kusasa |
| Usiphekele ukudla. | |
| Sizotshala imifino. | |
| Ukhuluma nocingo. | |





ZUL HL Gr3 B1 TH2.indd 53 2019/01/02 11:13:08

# 26 Ukuphepha kwabantwana

**Masibhale** Dweba isithombe esisho ukuthi uTumi ubenzani ngenkathi bemthola.



**Masibhale** Kokelezela igama elifanele.

| |
|---|
| Ngifuna/Ngifunana u-ayisikhilimu. |
| Ufuna/Ufunana namanzi. |
| Uya/Uhambela esikoleni. |

| |
|---|
| Kona/Zona lokhu. |
| Thina/Mina besidlala ibhola. |
| Wena/Nina uhlakaniphile. |

**Masibhale** Nikeza le misho izinombolo ukuveza ukuthi indaba ilandelana kanjani.



- [ ] Bamthola uTumi.
- [ ] Bayofuna uTumi.
- [ ] Walahleka uTumi.
- [ ] OMimi noBongi baqaphele uTumi.



ZUL HL Gr3 B1 TH2.indd 54 2019/04/02 11:13:10

# 27 Sigubha usuku lukamkhulu lokuzalwa

**Masikhulume** Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.



**Masifunde**

Yini: Usuku lukamkhulu lokuzalwa

Nini: 30 kuMbasa 2015

Kuphi: Umgubho epaki laseBlue Gum River

Ngasikhathi sini: Ibhasi lizosuka ngehora leshumi ezimpondweni ehholo lomphakathi, libuye ngehora lesihlanu ezimpondweni.

Kumele uphatheni?

- [ ] Uphathe izinto zakho zokubhukuda.
- [ ] Uphathe okokudlala.
- [ ] Uphathe isiphuzo esibandayo.
- [ ] Uphathe inyama yokosa.



ZUL HL Gr3 B1 TH2.indd 56 2019/01/02 11:13:13


Usuku:



Masibhale

Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.

| Owani umbungazo ozoba khona? |
| --- |
| |
| Uzoba kuphi? |
| |
| Lizobathatha nini ibhasi? |
| |
| Bazodlani embungazweni? |
| |
| Bazodlalani? |
| |



**Amagama okubhekisiswa**

yini
kungani
uzo
bona



Sisebenza ngamagama

Bhala la magama enqoleni yongwaqa abafanele.

izingane
izingalo
shanela
isigqoko
izinqola
inqola
shayela
hleka
hlala
gqoka







ZUL HL Gr3 B1 TH2.indd 57 2019/04/02 11:13:14

# Imigubho nemibungazo



**Masenzeni lokhu** Buza le mibuzo kubangani abane ugcwalise ngezimpendulo zabo.



| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| Ungubani igama lakho? | | | | |
| Uhlala kuphi? | | | | |
| Wazalwa nini? | | | | |
| Ngubani umngani wakho omkhulu? | | | | |
| Umthandelani lo mngani? | | | | |



**Masibhale** Kokelezela amagama asenkathini edlule.

## Izinkathi



| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| hamba | idla | wadla | dlala | wadlala |
| phuza | waphuza | shayela | washayela | wahamba |

Manje dweba umugqa ukuqondanisa amagama ebhokisini eliphuzi kanye nalawo asebhokisini eliphinki.

| Kusasa | | Izolo |
|---|---|---|
| ngizophuza | | ngihambile |
| ngizoshayela | | ngidlalile |
| ngizodla | | ngishayelile |
| ngizodlala | | ngidlile |
| ngizohamba | | ngiphuzile |



ZUL HL Gr3 B1 TH2.indd 58 2019/01/02 11:13:15

Usuku:



Masibhale

Bhala le misho ibe senkathini edlule. Qala ngokuthi Izolo. Sebenzisa la magama, azokusiza.

**sidle** **sidlale** **sihambe**

| |
|---|
| Sizodla inyama. |
| Izolo |
| Sizohamba ngebhasi. |
| Izolo |
| Sizodlala ibhola. |
| Izolo |

Masibhale

Bhala izinombolo kula maqoqo amagama ukukhombisa izinhlamvu ngokulandelana kwe-alfabhethi.


| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 1 | idada | | | isondo | | | inkunzi |
| 2 | idolo | | | isango | | | inkawu |
| 3 | idube | | | isinkwa | | | inkosi |

Masizijabulise

Bhala isimemo sombungazo wosuku lokuzalwa.

1. Shono ukuthi usuku lukabani.
2. Shono ukuthi umbungazo unini.
3. Shono ukuthi ukuphi.
4. Shono ukuthi uzoqala ngasikhathi sini.

## USUKU LOKUZALWA OLUGCWELE INTOKOZO



1. Igama:

2. Usuku:

3. Isikhathi:

4. Indawo:





**Masikhulume** Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.




**Masifunde**

## Usuku ebengimatasatasa ngalo


| | |
|---|---|
| 6.30 | Ngivukile |
| 6.45 | Ngageza |
| 7.00 | Ngadla isidlo sasekuseni |
| 7.15 | Ngaxubha amazinyo |
| 7.30 | Ngaya esikoleni |
| 8.00 | Ngasebenza kanzima ekilasini |
| 13.00 | Ngayodlala |
| 14.00 | Ngadla emini |
| 15.00 | Ngachelela imfino kamama esivandeni |
| 16.00 | Ngenza umsebenzi wesikole ekhaya |
| 18.30 | Ngadla isidlo sakusihlwa |
| 19.45 | Ngaxubha amazinyo abamhlophe qwa |
| 19.50 | Ngakama izinwele zaba mnyama bhuqe. |
| 20.00 | Ngayolala |

















ZUL HL Gr3 B1 TH2.indd 60 2019/01/02 11:13:23

Usuku:



Masibhale

Funda indaba ethi "Usuku ebengimatasatasa ngalo" bese uphendula imibuzo elandelayo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.

Uvuke nini uJabu?

Uthathe isikhathi esingakanani edla ukudla kwasekuseni?

Uwageze izikhathi ezingaki amazinyo?

Uye ngasikhathi sini esikoleni uJabu?

Udle kangaki?

| Amagama okufanele akhunjulwe |
|---|
| lapho |
| kuphi |
| nini |



Sisebenza ngamagama

Bhala la magama enqoleni yongwaqa efanele.

bhaka thoba bonga songa hleka godla shada imvu thola

bhala banga hleba shaya idla imvelo






Masibhale

Bhala la magama emabhokisini afanele emisindo.

impi ummese umlomo umsila impela umsele

ummbila umsindo impuphu ihembe umlilo umlenze mmele

| uml | ms | mm | mp |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |
| | | | |



ZUL HL Gr3 B1 TH2.indd 61 2019/01/02 11:13:26

Usuku:



Masibhale

Bhala usho ukuthi nizokwenzani kuleli sonto bese niyashintshana nomngani wakho ngezincwadi.



| uMsombuluko | Usuku |
|---|---|
| NgoMsombuluko ngizo . . . | |
| | |

| uLwesibili | Usuku |
|---|---|
| | |
| | |

| uLwesithathu | Usuku |
|---|---|
| | |
| | |


| uLwesine | Usuku |
|---|---|
| | |
| | |

| uLwesihlanu | Usuku |
|---|---|
| | |
| | |



Masizijabulise

Uzoyithola esikiwe ngemuva encwadini



Ukudlala izinyoka nelada.

IMITHETHO

- Dlalani umdlalo wezinyoka namalada.
- Phonsani idayisi nishintshane. Iyiphi inombolo elimi kuyo?
- Qhubekiselani phambili uphawu nibale izikhala ezilingana inombolo evezwe yidayisi.
- Uma niqondana nokuma phansi eladeni, gibelani ilada niye phezulu.
- Uma niqondana nokuma phezu kwenyoka, hambani phezu kwenyoka niye ezansi ekupheleni kwayo.
- Owokuqala ozofinyelela kokuyi-100 nguye onqobile.





ZUL HL Gr3 B1 TH2.indd 63 2019/01/02 11:13:29

# Indaba kagogo



Masikhulume

Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.



Masifunde

Kungani sithi ugogo ubumba izinkamba ezinhle?

Kudala, ngenkathi ngisemusha ngingangani, ngangihlala nomama nobaba emakhaya. Sasinezinkomo nezimbuzi eziningi, kodwa sasihlala kude nabangani bethu. Ngangingadlali namuntu.
Ngangiye ngibone umama

ebumba izinkamba. Wayesebenzisa ubumba.
Wayebumba izinkamba

ngezandla, bese ezibeka elangeni ukuze ome.
Ngelinye ilanga wangifundisa ukubumba olwami ukhamba.
Ngokucophelela. Ngaluphendula ngaluphendula.
Ngase ngilubeka elangeni ukuze zome.

Ngajabula kakhulu sengikwazi ukwenza ukhamba.





ZUL HL Gr3 B1 TH2.indd 64 2019/04/02 11:13:32

Usuku:

Ngeshwa ebusuku ngilele lana. Ngavuka lungasekho. Laseluphenduke laba ngamanzi. Ngabona nje kuphela umhlabathi obomvu uwumugqa esivandeni. Ngabuya ngamxoxela umama ukuthi kwenzekeni.

Kwadingeka ngibumbe olunye ukhamba ibhodwe. Ngazama ngazama. Kwaqala lapho ukuthi ngenze izinkamba ezinhle.





**Masibhale**

Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.

**Amagama okufanele akhunjulwe**
- ngesikhathi
- kudala
- kungezeka

Ngubani owaxoxa le ndaba?

____________________

Yini ayenza ngokucophelela?

____________________

Kwenzekani ngokhamba lobumba?

____________________

____________________

**Sisebenza ngamagama**

Thola amagama anale misindo endabeni uwafake ezikhaleni ezifanele. Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

| bh | hl | kw | ng |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |



ZUL HL Gr3 B1 TH2.indd 65 2019/01/02 11:13:34

# 32 Indoba ixoxwa wumndeni




**Masenzeni lokhu**

Dlalani umdlalo ngendaba yokhamba lobumba.



**Masibhale**

Landelanisa ngezinombolo imisho engezansi ngokulandelana kwezinto ezenzeka endabeni. Okunenombolo yokuqala sewenzelwe khona.





| | |
|---|---|
| | Laqala ukuna. |
| | Waphatheka kabi. |
| | Wenza ukhamba olusha. |
| | Ukhamba lwaphenduka amanzi abomvu. |
| | Walubeka elangeni ukhamba ukuze lome. |
| 1 | Ugogo wabumba ukhamba lwakhe lokuqala eseyintombazana encane. |



**Masibhale**


Lungiselela ukubhala indaba yakho. Yazisa umngani ukuthi uzobhala ngani bese ugcwalisa ngamazwi endaba yakho esiqalweni sayo, emzimbeni wayo kanye nasesiphethweni sayo.






**Ukulungiselela ukubhala indaba**

- **Ekuqaleni** – Qala ngokuthi ngesikhathi.
- **Emzimbeni** – Yisho okwenzeka emzimbeni.
- **Sisesemzimbeni wayo** – Yisho okwenzeka.
- **Isiphetho** – Yaphetha kanjani indaba?





**Masizijabulise**

Sika ikhasi elilandelayo. Yenza ibhuku. Bhala isihloko sencwadi phezu kwekhava. Bhala igama lakho ngezansi kwesihloko ngoba nguwe umbhali. Dweba isithombe phezu kwekhava. Bhala indaba ibe nesiqalo, umzimba nesiphetho.



ZUL HL Gr3 B1 TH2.indd 66 2019/04/02 11:13:36

Isihlalo sesabhukuzekile


**33 Izindawo esinokuzivakashela 70**

Ukufunda nokuqonda: Funda leli pheshana uthole ulwazi.
Imisindo: ndl, nhl, thw, f, bh.

**34 Siya kuphi? 72**

Dweba esikibheni isithombe esiveza indawo ethile ebalazweni eliveza iNingizimu Afrika.
Ulimi: Phinda ubhale amazwi asemabhamuzeni enkulumo abe yinkulumo ngqo usebenzise izimpawu zokukhuluma.
Ukukhuluma: Xoxisana nabangani aba-10 ubabuze ukuthi yiziphi izindawo abangathanda ukuzivakashela. Gcwalisa ngezimpendulo ethebuleni elilandelayo.
Sisebenza ngesikubonayo: Dweba ishadi ufake imibala ebhulokhini elifanele njalo uma bethi "yebo".

**35 INtaba Yetafula 74**

Ukufunda nokuqonda: Funda udaba olusephandabeni. Bhekisisa isihloko esikhulu, usuku kanye nezithombe.
Imisindo: gq, mq, xh
Imisindo: Imvumelwano

**36 Ukubhala iphephandaba 76**

Ulimi: Kokelezela ondaweni. Kokelezela izenzo ezisenkathini edlule.
Qondanisa inkathi yamanje kanye nenkathi edlule kula magama.
Ulimi: Bhala imisho ibe senkathini edlule uqale ngegama elithi Izolo.
Ukukhuluma: Xoxa ngephephandaba. Xoxa ngezindaba oziqoqe ekhaya nasesikoleni.
Lungiselela ukubhala udaba lwephephandaba.
Ukubhala: Bhala udaba lwephephandaba.

**37 Buka zonke lezi zinhlanzi 78**

Ukufunda nokuqonda: Funda iphosta bese uphendula imibuzo ebhekiswe kuyo.
Imisindo: ny, mv, hh

**38 Indawo yezilwane zasemanzini 80**

Ukukhuluma: Xoxa ngephosta ebekwe endaweni yezilwane zasemanzini.
Ulimi: Kokelezela isichasiso
Ukubhala: Bhala amazwana lapho uzichaza khona wena usebenzise isichasiso.
Ukubhala: Yenza iphosta echaza inja elahlekile.
Nikeza incazelo engcwele yale nja ukuze abantu bakwazi ukuyibona. Gcwalisa ngesichasiso.

**39 Esiqiwini sase-Pilanesberg 82**

Ukukhuluma: Buka izithombe bese uqagela ukuthi umfundi wezindaba uzozifunda athini.
Ukufunda nokuqonda: Funda lezi zindaba bese uphendula imibuzo mayelana nazo.
Imisindo: mth chw nqw ndl
Ulimi: Qondanisa inkathi edlule neyamanje kulezi zenzo.

**40 Ukufunda izindaba 84**

Ukukhuluma: Yenza sengathi ungumfundi wezindaba kuthelevishini ngokuthi uzifunde.
Ulimi: Bhala imisho ibe senkathini edlule. Sewungazibhala zibe senkathini ezayo.
Guqula amazwi asemabhamuzeni enkulumo abe yinkulumo ngqo usebenzise okhulunyiwe.
Sisebenza ngesikubonayo: Buka isithombe sezindlovu eziphuza amanzi. Chazela umngani wakho ukuthi ubonani.

**41 SiseSiqiwini sezindlovu e-Addo 86**

Ukufunda nokuqonda: (okubhalwe kudayari)
Imisindo: hw, mf, msh, mp.
Ulimi: Qondanisa inkathi yamanje nezenzo ezisenkathini edlule.

**42 Ngihlela engizokwenza ngaleli sonto 88**

Ukukhuluma: Dlalani umdlalo niwususele endabeni.
Ulimi: Qondanisa izingxenye zemisho ezinamagama athi "Ukube - ngabe" ukwakha imisho embaxa.
Ukubhala: Bhala kudayari usho ukuthi uzokwenzani ngaleli sonto. (Inkathi ezayo).
Ukufunda: Funda izinto zesonto lonke ezibhalwe kudayari yomngani wakho.

**43 I-Gold Reef City 90**

Ukufunda nokuqonda: Funda ikhadi bese uphendula imibuzo.
Imisindo: Thola uphinde ukokelezele amagama anemisindo mbh mny mg ms ekhadini.
Ulimi: Sebenzisa imisindo mbh mny emagameni onikezwe wona ukuze aqondane nezithombe ezifanele.

**44 Kumnadi e-Gold Reef City 92**

Ulimi: Sebenzisa lezi zihlanganiso ukuhlanganisa imisho – ngakho-ke, ngoba nokodwa.
Ulimi: Khetha uphinde ukokelezele isichasiso ukwenza le misho izwakale kahle.
Ukubhala: Chaza umuntu noma indawo oyithandayo usebenzisa isichasiso.
Ukubhala: Bhala amakhadi amabili aye kubangane bakho ubachazele ngohambo lwakho ngebhasi.

**45 Sibuyela emuva ekhaya 94**

Ukufunda nokuqonda: indaba
Ulimi: Ukusetshenziswa kwamagama achazayo
Imisindo: gw, qh, nk, nj, mf

**46 Mayelana nohambo lwethu 96**

Ukukhuluma: Khuluma nabangane bakho ababili ngezinhlobo zezinto zokuthutha.
Qedela le misho ngokuqondanisa izingxenye zayo ezimbili.
Ukubhala: Dweba isithombe bese ubhala amazwi achazayo.
Masizijabulise: Qondanisa izithombe nezilwane ezifanele.

**47 Bhala indaba 98**

Ukukhuluma: Sebenzisa imidwebo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani.
Ukufunda: Ukufunda ngokuhlanganyela (indaba)
Umsebenzi wokuqonda
Thola imininingwane yalokho okufundile.
Imisindo: ms, mf, mj, ndl,t.
Ulimi: Kokelezela amagama anezincazelo ezimbili lilinye.

**48 Sibhala ngezinto esizibonile 100**

Ukubhala: Zilungiselele ukubhala indaba enesingeniso, umzimba kanye nesiphetho.
Ukubhala: Bhala incwadi yezindaba usebenzise okusikwayo okunikiwe. Indaba kumele ibe nesingeniso, umzimba nesiphetho.




ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 69 2019/04/02 11:12:53

# 33 Izindawo esinokuzivakashela



## Masikhulume

### ENtshonalanga Kapa

Vakashela INtaba yetafula. Khuphuka ngenqola ehamba ngekhebuli emoyeni. Yenza iphikhinikhi phezulu entabeni. Buka oshaka, amahlengethwa nezinhlanzi endaweni yezilwane zasemanzini.



### Gauteng

Woza uzozijabulisa e-Gold Reef City. Uzokwehlela phansi emayini uphinde ugibele unesibindi.

Ubone ne-FNB Stadium.



### ENyakatho-Ntshonalanga

Woza e-Pilanesberg. Uzogibela indlovu. Uzobona indlulamithi, amadube namabhubesi. Ungathatha izithombe zezilwane ngokuthanda kwakho.




### KwaZulu-Natali

Uma uvakasha e-UShaka Marine uzobona amahlengethwa edlala ibhola lezinyawo namaphengwini edansa. Izimvu zamanzi ziphakamisa ibhola ngamakhala. Uma unesibindi, ungangena ubhukude noshaka.



### ELimpopo

Vakashela amahlathi ase-Afrika. Uzobona izihlahla ongakaze uzibone ubukhulu nobude Ukhumbule-ke ukuza nejazi lemvula kanye nesambulela.



### ENyakatho Kapa

Yiza eKhimbali uzobona uMgodi omkhulukazi nobanzi kakhulu emhlabeni wonke.

Ungadla nokudla kwakho eduze nalo Mgodi omkhulukazi.




### EMpumalanga

Zinike isikhathi ube se-Kruger National Park. Izilwane ezinkulukazi ezinhlanu zikhona kule Paki. Kunamabhubesi, izilo, izindlovu, obhejane kanye nezinyathi. Ungazenzela iphikhinikhi umbungazo onokudla ezindaweni ezikude nezilwane zasendle.



### EFulesitata

Vakashela i-Sandfontein Park. Uzobona obhejane, izindlulamithi nezingungumbane. Uvumelekile ukubhukuda edaminikazi lakhona.



### EMpumalanga Kapa


I-Addo Elephant Park inezindlovu eziningi. Zama ukuzibona zonke. Olwandle oluseduze uzobona oshaka abamhlophe.





ZUL HL Gr3 B1 TB3.indd 70 2019/04/02 11:12:57

Usuku:



# Inkathi ezayo



Masibhale

Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.


Yiluphi uhambo ongaluthatha wena? Kungobani?

Yini abantu abayaye bayibone eNtshonalanga Kapa?

Bayaye babone

Yini abayibona KwaZulu-Natali?





Sisebenza ngamagama


Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| indlela | inhlanhla | ithwasa | ifu | bhala |
| indlu | inhloko | uthwele | faka | bhema |
| indlovu | inhlama | isithwathwa | ifasitela | ibhubesi |



Masibhale

Kokelezela amagama anomsindo thw.





| | | | |
|---|---|---|---|
| kufanele | ifu | umcako | ithwasa |
| faka | ifasitela | ekhaya | isivalo |
| umfula | thwala | isithwathwa | thwebula |
| itafula | isifiso | unyawo | isithwalaphishi |

UTHISHA: Ukusayina Usuku



ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 71 2019/01/02 11:12:58



Masenzeni lokhu

Khuluma nomngani wakho ngokuthi ufuna ukuvakashela kuphi futhi uyobonani.



Masenzeni lokhu

Dweba isithombe esikibheni ukukhombisa ukuthi uthanda ukubonani. Beka uphawu kuleso sifundazwe ofuna ukuvakashela kuso ebalazweni.








Masibhale

Faka okhefana kule misho bese wazisa umngani wakho ukuthi zingaki izinto ezibaliwe emushweni ngamunye.

**Okhefana**

Uyobona amabhubesi ☐ izindlovu ☐ izinyathi kanye nezindlulamithi.

Ungayidla inyama ☐ imifino ☐ isinkwa kanye namakhekhe.

Uyobona amahlengethwa ☐ amaphengwini ☐ oshaka kanye nemikhoma.




Phinda ubhale abakushoyo ukufake kubacaphuni.



Masibhale

UJabu uthi, " ______________________________

______________________________ ".



ZUL HL G3 B1 TH3.indd 72 2019/04/02 11:15:00

# INtaba yetafula






**Masenzeni lokhu** Buka iphephandaba ukhulume ngokubonayo.

Bheka ukuthi abantwana babhaleni ephephandabeni lekilasi. **Masikhulume**



## IZINDABA EZIQAVILE ZESIKOLE





### Ikilasi liyakhula

16 Juni 2015

Wonke umuntu uzijabulise ngokugibela INtaba yetafula. Bekubanda entabeni ngakho kudingeke ukuthi sigqoke amajakhethi nezigqoko. Kunendoda enomusa esisize ukugibelisa inqola kaLebo enqoleni ehamba ngekhebuli. Iqale ngokumqhelisa kithina ngoba nguye yedwa okhubazekile. Sesisemoyeni enqoleni sabona izimbila ezincane. Zifana nonogwaja abakhuluphele. Inqola yekhebuli yathatha imizuzu emihlanu kuphela ukufika phezulu entabeni. Umoya bewubanda. Sithathe izithombe uma sifika phezulu. Phezulu entabeni bekuqondile nje kungathi yitafula. Ngenkathi sisephezulu entabeni uBebe wawa washaya ngedolo phansi. Walimala. Uma sifika phansi, savakashela izindawo ezimbili ezisolwandle. Sabona izilwane zasemanzini. Sabona izinhlanzi, oshaka, kanye nofudu lwasemanzini.



ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 74 2019/01/02 11:13:02

Usuku:




Masibhale

Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.




| |
|---|
| Kubathathe isikhathi esingakanani ukufinyelela esiqongweni? |
| |
| Kungani bebegqoke amabhantshi nezigqoko ezifudumele? |
| Kungoba |
| Kungani le ntaba ibizwa ngeNtaba yetafula? |
| Kungoba |
| Kwenzekeni kuBebe? |
| |
| Kungabe sihle isihloko salezi zindaba? Kungani usho kanjalo? |
| |





Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.




| | | |
|---|---|---|
| gqoka | gqoma | gqashula |
| mqhelise | mqhube | umqhele |
| ixhegu | isixhumo | ixhala |



Masibhale

Yimaphi amagama anomsindo ongafani nalawo asebhokisini lokuqala?



| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| dlisa | hloma | indlu | idla | dlula | indlovu |
| hlaba | ihlahla | idladla | inhlanhla | ihlo | dlala |
| shwibeka | uswazi | inswani | ishwa | isha | shwi |
| zwisisa | swela | lwela | zwela | shwele | hlanzwa |

UTHISHA: Ukusayina Usuku



ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 75 2019/01/02 11:13:03

# Ukubhala iphephandaba





Masibhale Amagama asitshela ukuthi izinto zikuphi abizwa ngondaweni.

| |
|---|
| Abantwana babedlala phezulu entabeni. |
| Babone inyoka ngaphansi kwamatshe. |
| Indoda ibeke isihlalo phakathi enqoleni yasemayini. |
| Ipeni lami beliseceleni kwesikhwama. |

Dwebela igama elisho ukuthi yikuphi kule misho. Bheka isibonelo .





Masibhale Kokelezela wonke amagama asenkathini edlule. Dweba umugqa uqondanise inkathi yamanje nedlule.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| gijima | hamba | bhala | phumula | sina |
| cula | khuluma | dlala | bukela | shaya |
| washaya | wadansa | wagijima | wadlala | waphumula |
| wacula | wahamba | wabukela | wakhuluma | wabhala |

Bhala le misho, uqale ngegama elithi "Izolo".

| |
|---|
| Ngiyadlala. |
| Izolo |
| Ngiyahamba. |
| Izolo |
| Ngiyakhuluma. |
| Izolo |
| Babuka umabonakude. |
| Izolo |



ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 76 2019/04/02 11:15:03

# Buka zonke lezi zinhlanzi





**Masenzeni lokhu** Buka isithombe sale ndawo yezilwane zasemanzini bese ubuka iphosta engezansi.




Ngendawo yezilwane zasemanzini siqonde indawo emanzini lapho kunezinhlanzi eziningi khona. Le ndawo ivame ukuvakashelwa abantu bezobona izinhlanzi nezilwane zasemanzini.


## Vakashela indawo yezilwane zasemanzini



Yiza ekhaya elikhulu lezinhlanzi.
Sinezinhlanzi eziningi nezinye izilwane zasemanzini ezibekwe ndawonye.
Bona imbambela, inhlanzi eyinkanyezi,
ufudu lwamanzi kanye noshaka.
Buka amahlengethwa kanye nezimvu zamanzi zenza imidlalo.
Woza ngesikhathi sokudla kwasemini uzobona
oshaka bedla.







Kuvulwa ngehora lesi-9
Kuvalwa ngehora lesi-5



Abadala ama-R10
Abafundi abakhokhi.
Bangena mahhala.



ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 78 2019/04/02 11:13:06

Usuku:





**Masibhale**

Funda iphosta uphendule imibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukabeka ungqi ekugcineni.

| |
|---|
| Yini ekhona endaweni yezilwane zasemanzini? |
| |
| Ivula nini indawo yezilwane zasemanzini? |
| |
| Ivala nini? |
| |
| Abadala bakhokha malini? |
| |
| Abantwana besikole bakhokha malini? |
| |



**Sisebenza ngamagama**

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

| | | |
|---|---|---|
| amanye | imvelo | ihhala |
| inyama | imvume | ihholo |
| nyathela | uvemvane | hhayi! |

| Amagama okubhekisiswa |
|---|
| inhlanzi |
| kwasemini |
| zamanzi |

| | |
|---|---|
| linye | imvu |
| amanye | emvula |
| enye | imvuma |




UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 79 2019/01/02 11:13:08

# 38 Indawo yezilwane zasemanzini






Masenzeni lokhu

Xoxa nomngani wakho ngephosta esekhasini eledlule.
Ikhuluma ngani le phosta?
Obani abangathanda ukufunda le phosta? Abantwana noma abadala? Kungani?
Yimapni amanye amaphosta osuke wawabona? Yiluphi olunye ulwazi olutholakala kumaphosta?



Masibhale Kokelezela amagama achaza izilwane zasemanzini.

Isichasiso





| |
|---|
| Inhlanzi encane yasibalekela |
| Wasibuka ushaka omkhulu onamazinyo acijile. |
| Kwadlula izinhlanzi ezishelelayo ezibizwa ngojelifishi. |
| Kwatshuzela ngaphandle kwamanzi ihlengethwa elinesikhumba esishibilikayo. |
| Izimvu zamanzi zaphakamisa amabhola ngamakhala azo amade. |



Bhala

Zichaze wena ukuthi unjani.
Yisho ukuthi ubukeka kanjani wena ngomzimba. Umude noma umfushane? Umkhulu noma umncane?




Usuku:




Ilahlekile le nja. Yisho kumngani wakho ukuthi le nja injani. Yenza iphosta echazayo ukuthi injani inja ukuze ifunwe. Isho ukuthi ibukeka kanjani, izizwa injani nokuthi yenza msindo muni. Yinike igama. Yisho ukuthi ashayele bani ucingo oyitholile.

# INJA ELAHLEKILE



Ibukeka.

Injani.

Igama layo.

Uma uyithola, ngicela uthintane no -:.
(Bhala igama lakho)

Uma uyithola, ngicela ushayele le nombolo:
Inombolo yami.

Uma uyithola inja yami, ngicela uyilethe kuleli kheli.
(Bhala ikheli lakho.)



ZUL HL Gr3 B1 TB.indd 81 2019/01/02 11:13:10

# Esiqiwini sase-Pilansberg





## Masenzeni lokhu


Buka isithombe somsakazi wezindaba bese usho ukuthi zindaba zini azozifunda.





## Masikhulume

Buka isithombe somsakazi wezindaba bese usho ukuthi zindaba zini azozifunda.



Izolo kunenqwaba yezingane zesikole ezifike esiqiwini sase-Pilanesberg ngebhasi kwachwaza yonke indawo.
Bezizobona izindlovu, obhejane kanye nezinye izilwane zasendle.
Zibone izindlovu zilwa ngemiboko yazo.
ngenkathi uJimi ezibuka ziphuza, ubone ixoxo eliluhlaza elincane.
Uzame ukulibamba, washibilika wawa wasikeka engalweni.
Uthisha wakhe umhambise emtholampilo.
UJimi uthe ufaka isandla esikhwameni kwaphuma leli xoxo elincane.




ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 82 2019/04/02 11:13:13

Usuku:



Masibhale

Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.



Kwakuyiluphi usuku ngenkathi izingane ziye e-Pilanesberg Game Reserve?

Chaza ukuthi izehlakalo zilandelana kanjani ezenza ukuthi uJimi aye emtholampilo.

Okokuqala wa-



Wayese-

Ekugcineni wa-



Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.



| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| mthulise | kwachwaza | kunenqwaba | sola | izindlovu |
| emtholampilo | ichwane | nqwaza | fola | zasendle |
| mthathe | ichweba | inqwele | xola | isandla |



Masibhale

Kokelezela wonke amagama asenkathini edlule. Dweba umugqa ukuqondanisa amagama asenkathini edlule namagama asenkathini yamanje.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| wathola | wazama | shibilika | wabheka | washibilika |
| weza | wabona | wathatha | buka | thatha |
| thola | iza | bona | bheka | zama |

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 83 2019/04/02 11:13:14


# Ukufunda izindaba





**Masenzeni lokhu**

Bhala izindaba ngokuthi kwenzekeni izolo. Yenza sengathi uvela kumabonakude ezindabeni, ufunda izindaba belalele bonke.






**Masibhale** Bhala le misho ibe senkathini edlule. Yibhale ibe senkathini ezayo.

## Izinkathi

| |
|---|
| Ngiya esikoleni. |
| Izolo |
| Kusasa ngizoya |
| Uphuza imithi yakhe. |
| Izolo |
| Kusasa |
| Sibukela umabonakude. |
| Izolo |
| Kusasa |





**Bhala** Phinda ubhale le misho, uqedele ngukubhala abakukhulumayo bese ufaka abacaphuni.




U-Ana uthe, "
_______________________________________________."



ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 84 2019/04/02 11:13:15



Siya ebhasini.

UBebe uthe, "______________________________
______________________________."

UJabu uthe, "______________________________
______________________________."


Bashiywe yisikhathi sesikole.





Ungumngani wami omkhulu.

UBongi uthe, "______________________________
______________________________."



Masizijabulise

Buka lesi sithombe sendlovu ephuzayo.
Chazela umngani ukuthi ubonani.





## Iwaphuza kanjani amanzi indlovu?

Isebenzisa umboko njengephayiphi lokuphuza.
Iphuza amanzi akhuphuke ngomboko.
Iwugobise iwufake emlonyeni.
Ekugcineni ithela amanzi emlonyeni wayo.



# SiseSiqiwini sezindlovu e-Addo



**Masenzeni lokhu** Buka izithombe ukhulume ngokubonayo.



**Masikhulume** Funda ibhuku likaBebe lezehlakalo elikhuluma ngohambo lwasesiqiwini sezindlovu sase-Addo.



Dayari ethandekayo                14 kuNhlaba 2015

Namuhla bekuwusuku olumnandi kimi. Bengiqeda unyaka wesishiyagalolunye, uthisha uhambe nathi sayobona i-Addo Elephant Park! Besijabule sonke nabangani bami oJabu noMimi. Sibone izindlovu eziningi, ezinkulu, ezinezinto ezinde ezifana namazinyo. Kuneyodwa ebinezinyo elilodwa. Elinye balinqamula bayohweba ngalo. Bekukhona newumntwana. Iyinhle. Sithe uma sima sidla, ngakhumula izicathulo ngoba bekushisa. Kwafika inkawu yathatha isicathula esisodwa. Umfana omunye uthe uyayiphuthuma yamshiya. Ngibuyele ekhaya sengiphethe isicathulo esisodwa.

Ngijabulile uma ngifika ekhaya. Ngifike ngadla ikhekhe.

uBebe





ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 86 2019/01/02 11:13:23

Usuku:

Masibhale Funda idayari uphendule imibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukabeka ungqi ekugcineni.

| |
|---|
| Bebekuphi abantwana? |
| Abantwana |
| Ulahlekelwe yini uBebe epaki? |
| Ulahlekelwe |
| Silahleke kanjani isicathulo sikaBebe? |
| Sithathwe |
| Kwenzekeni ezinyweni lendlovu? |
| Kukhona othathe |
| Ubejatshuliswe yini uBebe uma efika ekhaya? |
| Ubejatshuliswe |

Sisebenza ngamagama Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| hweba | nimfune | angamshiyi | impala |
| hwaya | nimfake | angamshayi | impempe |
| kuhwalele | nimfihle | angamshisi | impisi |

**Amagama okubhekisiswa**
kuneyodwa
isicathula
nezimpondo

Masibhale Dweba umugqa uqondanise inkathi edlule neyamanje.

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| sidla | sibona | sithe | uhamba | ithathe | sama | uhweba |
| sabona | beyinjalo | ithatha | uhambe | sathi | uhwebe | sidle |



ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 87 2019/01/02 11:13:26

# 42 Ngihlela engizokwenza ngaleli sonto

**Masenzeni lokhu**

Lingisani okwenzeke kuBebe esiqiwini sezindlovu sase-Addo. Oyedwa makabe yinkawu.



**Bhala**

Qondanisa amagama asebhokisini elingakwesokunxele namagama angakwesokudla ukuze akhe umusho.

| | |
|---|---|
| Uma ushiya izicathula zakho emfuleni | uzozishisa. |
| Uma wenza umsebenzi wakho wesikole | uzofika ngesikhathi esikoleni. |
| Uma ulala masinya | inkawu izozintshontsha. |
| Uma udlala ngomlilo | uthisha wakho uzokujabulela. |

**Masibhale**

Bhala izinto ozozenza kuleli sonto. Shintshanani ngamabhuku ninomngani wakho nibheke ukuthi kukhona yini izinsuku enenza ngazo izinto ezifanayo.


## IDAYARI

| Igama lami | | Inyanga |
|---|---|---|
| Usuku lwenyanga | Usuku lwesonto | Engizokwenza |
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |



ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 88 2019/04/02 11:13:27

# 43 I-Gold Reef City



Masenzeni lokhu

Buka leli khadi ukhulume ngokubonayo.



Dumi othandekayo

Ngethemba uzolithanda leli khadi engikubhalele lona. Ngilithenge ngenkathi sise-Gold Reef City eGoli.

Siye khona ngemoto, futhi uyazi ukuthi imigwaqo yakhona injani ukuphithizela. Sibone inkundla yezemidlalo, iFNB, enkulu kakhulu. Ingathatha abantu aba-90 000 uma igcwele.

E-Gold Reef City basingenise emayini emnyama enomgodi omude. Bekumnyama kakhulu, ngaze ngasebenzisa ithoshi lami ukuze ngikwazi ukubona. Sisuke lapho sayogibela ujika ojikayo. Ngimemeze ngabanga umsindo ngoba usuke lo jika wagijima kakhulu. Kuhle uhambe nathi ngokulandelayo.

Umzala wakho

uBongi.



Stand 12 Steve Biko Rd

Soweto

South Africa

3219





ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 90 2019/01/02 11:13:30

Usuku:



**Masibhale** Funda leli khadi uphendule imibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.

| |
|---|
| Ubhalela bani uBongi? |
| |
| Uye kuphi uBongi? |
| |
| Yiziphi izinto ezimbili ezibonwe nguBongi? |
| |
| Kube njani ngaphansi emayini? |
| |
| Ulibhale nini ikhadi uBongi? |
| |
| Kube mnandi uBongi evakashile? Usho ngani? |
| |






**Sisebenza ngamagama** Funda la magama ulalele imisindo. Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.



| | | | |
|---|---|---|---|
| umbhobho | umnyama | umgodi | bayamsola |
| umbhede | umnyango | mgudlule | bazomsiza |
| mbhekisise | umnyuzi | bamgibelisa | bamsusile |



**Masibhale** Qalisa ngesakhi me-, um-, isi- noma ink- kula magama ukuze aqondane kahle nezithombe.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| _ _ meza | _ _gwaqo | _ _kole | _ _fula | _ _omishi |




ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 91 2019/04/02 11:13:33

# 44 Kumnadi e-Gold Reef City



**Masibhale** Qondanisa amagama ebhokisini eliphinki namagama afanele ebhokisini eliluhlaza ukuze akhe umusho.



| | |
|---|---|
| Umsindo ngiwubange ngoba | sasebenzisa ithoshi. |
| Ukuthi bekumnyama ngakho | bekungabandi. |
| Belina lona kodwa | ujikajika usuke wagijima kakhulu. |



**Masibhale** Funda ikhadi bese uqedela imisho elandelayo.

enkulu · eziningi · emnyama · enemibala · eshonayo

I-FNB yinkundla ______________________________.

Sagibela ujikajika onezihlalo ______________________________.

Sangena emayini ______________________________.



**Masibhale** Khetha igama elilodwa elifanele kulawo afakwe kubakaki ukuze wakhe umusho. Lawa ngamagama achaza abantu noma izinto.



| |
|---|
| Uthisha (onomusa/odelelayo) ukhulume nentombazana (egangile/ehlakaniphile.) |
| Imoto (enkulu/encane) beyihamba emgwaqweni (othulile/ophithizelayo.) |
| Indoda (ezacile/ekhuluphele) beyifuna ukubamba ingulube (encane/enkulu.) |
| Intombazana (enhle/embi) ingene endlini (engcolile/ehlanzekile.) |
| Ingadi (elungisiwe/engalungisiwe) inezitshalo (ezifile/eziphilayo.) |



ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 92 2019/01/02 11:13:34

# 45 Sibuyela emuva ekhaya

**Masenzeni lokhu** Buka izithombe ukhulume ngokubonayo.

**Masikhulume**

## Sahamba sabuyela ekhaya.

UJabu nabangani bakhe babuye ngesitimela eside. Besihamba kancane sijikajika, kodwa uma sehla besigijima. Ukuhamba kwaso kwenze ukuthi sozele. Sizithole sesilele sonke.






UBongi nabangani bakhe babuyele ekhaya nge-Gautrain. UNkk. Zitha bekunguye umshayeli. Lesi bekuyisitimela esimpunga esifushane. Sonake besinejubane elikhulu impela kunalesi esinye. UBongi uthi kumjabulisile ukuhamba ngesitimela, ubezwa sengathi uphithizela izivemvane esiswini.

UBebe nabangani bakhe babuye ngebhasi eliphuzi. Umgwaqo bewunamatshe, ibhasi beligidlizela ematsheni. Ngesinye isikhathi ligxume kakhulu kwesinye kancane. Sehle sikhathele ngenxa yamatshe emgwaqweni.





Abanye bethu babuyele ngenqola yezimbongolo emuva. Beyibomvu ngombala. Beyihamba kancane inswininiza amasondo. Sijabulile kodwa ukuhamba sibuka izimbali nezihlahla eziluhlaza njengoba besihamba kancane.



ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 94 2019/01/02 11:13:37

# Mayelana nohambo lwethu



Masenzeni lokhu


Xoxa nomngani wakho ngalolu hlobo lwezinto zokuthutha. Zifana ngani izinto zokuthutha?
Zehlukene ngani?





Masibhale

Qondanisa amagama ebhokisini eliphinki namagama asebhokisini eliphuzi ukuze akhe umusho.



| | |
|---|---|
| Isitimela eside | beligxuma ematsheni omgwaqo. |
| IGautrain beyimfushane impunga | beyinswininiza amasondo endleleni. |
| Inqola yezimbongolo ebomvu | igijima kakhulu. |
| Ibhasi eliphuzi | besihamba kancane sithatha amajika. |



Masibhale

Dweba isithombe sesilwane noma sento yokuthutha.
Bhala imisho emibili echaza umdwebo.





ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 96
2019/01/02 11:13:42


# Bhala indaba




**Masenzeni lokhu** Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.









**Masikhulume**

## Isiqalo

Ngime emfuleni ngabuka izindlovu ziphuza amanzi.

Ezinye izindlovu ezimbili bezilwa ngemiboko.

## Umzimba

Ngibone masinyane ixoxo elincane eliluhlaza.

Ngivele ngalisukela ixoxo.

Ngithe ngigijima ngilisukela ngashibilika ngangena emseleni.

Ngisikeke isandla ngabona sesopha.

## Isiphetho


Uthisha ungiyise kudokotela.

Udokotela ungithungile wangifaka nomjovo.



ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 98 2019/04/02 11:13:46

Usuku:




**Masibhale** Funda le ndaba uphendule imibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.

Wenzani uJimi ngasekuqaleni kwendaba?

Uzilimaze kanjani uJimi?

Udokotela umenzeni uJimi?

Ubona ukuthi uJimi kumphathe kanjani ukuya kudokotela?



Yisiphi isihloko esihle sale ndaba?

**Sisebenza ngamagama** Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| umsebenzi | umfanekiso | umjikijelile | isandla | isitobhi |
| umsakazo | umfula | umjikisile | indlovu | itiye |
| uMsombuluko | mfushane | umjikile | ondla | itulo |



**Masibhale** Kokelezela amagama asho izinto ezimbili ezingafani, igama lilodwa.

| | |
|---|---|
| inyama | ijazi |
| ithanga | abafana |
| ibele | umuzi |







ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 99 2019/04/02 11:13:47


# Sibhala ngezinto esizibonile






**Masenzeni lokhu**

Funda izindaba ezicoshelwe nguwe.
Xoxela abangani izindaba zasekhaya kini.
Xoxa ngendaba ongayibhala phansi.





Ungabhala ngani ekuqaleni?
Ungabhala ngani phakathi?
Ungayiphetha kanjani indaba yakho?

**Bhala**




| Ekuqaleni | Phakathi | Emaphethelweni |
| --- | --- | --- |
| | | |




**Masibhale**

Bhala indaba yakho lapha.
Yifunde ulungise amaphutha ngaphambi kokuyibhala ibe yibhuku.



**Masizijabulise**

Sika ikhasi elilandelayo wenze ibhuku. Bhala isihloko phezu kwekhava. Bhala igama lakho ngaphansi kwesihloko ngoba nguwe umbhali. Dweba isithombe phezu kwekhava. Bhala indaba ibe nesiqalo, umzimba kanye nesiphetho.





ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 100 2019/01/02 11:13:49





**Isihlalo sabakhubazekile**

### 49 Ibhubesi negundane 104

Ukufunda nokuqonda (indaba)
Ukubhala: ukuphendula imibuzo ngokukhetha: Sika amaphaphethi asebenzisa iminwe uxoxe ngawo indaba yebhubesi negundane.

### 50 Ibhubesi elikhulu negundane elincane 106

Ulimi: Guqula amazwi akula mabhamuza enkulumo abe yinkulumo ngqo.
Imisindo: ntsh, mnc, gcw, mz.
Ulimi: amagama aphikisanayo
Ulimi: Izimpawu zokubhala.
Ukubhala: Bhala ikhadi ubonge umuntu okusizile.

### 51 Unogwaja nofudu 108

Ukufunda nokuqonda (indaba)
Ulimi: Bhala imisho uveze izincazelo ezingafani emagameni abhalwa abizwe ngokufanayo.

### 52 Umqhudelwano wezilwane 110

Ukukhuluma: Xoxa ngeziphicaphicwano onikezwe zona.
Ukubhala: Bhala imisho uveze isingeniso, umzimba kanye nesiphetho sendaba kanogwaja nofudu.
Ulimi: Bhala amagama anemisindo eyeqekayo uveze imisindo eyeqekile.
Umsebenzi wokuzijabulisa (umdlalo wokufunda bese uyenza)

### 53 Ilanga nomoya 112

Ukufunda nokuqonda: (indaba)
Imisindo: ndl, ntsh, qh

### 54 Umqhudelwano omkhulu 114

Ukukhuluma: Phendulani indaba yelanga nomoya ibe wumdlalo bese niwudlala. Kungenzekani uma singaphendula le ndaba ibe wumoya nemvula?
Ulimi: Kokelezela izenzo.

Ukubhala: Bhala ngesithombe ngasinye. (inkathi eqhubekayo)
Chaza izithombe eziveza ukuguquguquka kwenyanga.
Dweba ukhombise ukuthi inyanga iguquka kanjani iMisombuluko ilandelana.

### 55 UBongi nebhayisikili 116

Ukufunda nokuqonda: (indaba)
Imisindo: mxh, mgq, hw

### 56 UBongi useligibele ibhayisikili 118

Ukukhuluma: Phendulani indaba ibe wumdlalo niyidlale.
Ulimi: Qhathanisa izichasiso namabizo.
Ulimi: Phinda ubhale le misho ibe senkathini edlule uqale ngegama elithi Izolo.
Ulimi: Veza ukuthi zisetshenziswa kanjani izimelinobumba (‘).
Sisebenza ngesikubonayo: Funda uzwe ukuthi oBongi noMimi batheni, bese ugcwalisa inombolo efanele endaweni ngayinye. (Okubhaliwe nokudwetshiwe)

### 57 UBongi ucosha udoti 120

Ukufunda nokuqonda: (indaba nephosta)
Imisindo: Iziqalo umu-, i-, no isi–.
Ulimi: isichasiso

### 58 Siyakhuculula 122

Ukukhuluma: Xoxa ngokuthi ningasihlanza kanjani isikole senu.
Ukubhala: Bhala isigatshana ngesikole sakho.
Ulimi: Gcwalisa ngesichasiso esidingekayo.
Ukubhala: Yenza iphosta umeme ngayo abantwana ukuthi bazosiza ukukhuculula esikoleni.

### 59 Ukutshuza olwandle 124

Ukufunda nokuqonda: (indaba)

### 60 Ngaphansi kwamanzi olwandle 126

Ukukhuluma: Guqulani indaba ibe wumdlalo bese niwudlala.
Sisebenza ngamagama Izijobelelo –a no –ile
Ukubhala: Qedela indaba.
Ukukhuluma: Bheka izihloko bese uchazela umngani wakho ukuthi kungani lokhu kunesidingo.

### 61 Izintuthwane 128

Ukufunda nokuqonda: (ulwazi olubhaliwe)
Imisindo: Khombisa izakhi kula magama.
Imisindo: imisindo eyeqekayo uma sikhuluma.



### 62 Okunye okuningi ngezintuthwane 130

Chaza lesi sithombe
Ulimi: Phinda ubhale le misho ibe senkathini edlule uqale ngegama elithi Izolo
Kokelezela igama elifanele(isivumelwano).
Nikeza isabizwana soqobo
Masizijabulise: Dweba ubuso obukhombisa ukujabula, ukuthukuthela, ukudumala kanye nokwenama.

### 63 Siyafunda 132

Ukufunda: Xoxa ngalolu hlobo lombhalo.
Sisebenza ngamagama
Thola imisindo kula magama.

### 64 Bhala indaba 134

Ukukhuluma: Xoxa ngabalingiswa bendaba. Yisho ukuthi yini oyithanda kakhulu ngabo.
Ukubhala: Bhala incwadi yezindaba usebenzise okusikwayo okunikiwe.
Isichazamazwi sami 137



# 49 Ibhubesi negundane

Masikhulume

Ugogo kaMimi uxoxa indaba yakhe. Buka izithombe usho ukuthi indaba imayelana nani..

Masifunde



## Ibhubesi elikhulu kanye negundane elincane.

Ngelinye ilanga igundane elincane lethusa ngephutha ibhubesi lavuka. Labhavumula ibhubesi lathi, "Ngivuswa yigundanyana elincane kanje. Ngizolenza inyama yokwehlisa nje."

Ibhubesi lanyathela igundane emsileni lalimpintsha ngesidladla salo esikhulu.

"Kahle," kubalisa igundane. "Ungangidli. Uzothi udlani nje, ngimncane kangaka?"

"Uqinisile," kubhavumula ibhubesi. "Ngeke usigcwalise nesisu sami."

"Ngiyabonga, Nkosi yami Bhubesi," kusho igundane. "Ngiyokusiza ngelinye ilanga."

"Ha ha ha!" kuhleka ibhubesi elikhulu. "Ungangisiza kanjani umncane kangaka, mina ngiyibhubesi elikhulu elinamandla kangaka? Ngiyinkosi yazo zonke izilwane. Ngiyakwazi ukuzisiza."

Ngelinye ilanga ibhubesi lalizihambela. Labanjwa yisihibe. "Lekelelani!" kumemeza ibhubesi. "Angikwazi ukuphuma lapha. Ngibambekile."

Igundane elincanyana lawuzwa umsindo webhubesi. Lagijima lafika esihibeni, lathi, "Ngizokusiza!"

"Umncane kakhulu. Ngeke ungisize," kubhavumula ibhubesi.

Igundane elincane laqala laluma izintambo lazihlephula zaba yizicucu.



Laphunyula ibhubesi. Lamamatheka lathi, "Uyigundane elincanyana, kodwa uwusizo olukhulu."

Usuku:




**Bhala** Funda le ndaba ukhethe impendulo efanele.

| | |
|---|---|
| **Ithini kithina le ndaba?** | |
| A | Kulula ukulenza isilima ibhubesi. |
| B | Akudingi uze ube mkhulu ukuthi ube lusizo. |
| **Lalimemezelani ibhubesi?** | |
| A | Lalifuna umuntu ozolisiza. |
| B | Lalifuna igundane libaleke. |
| **Lacabanga ini ibhubesi uma libona igundane?** | |
| A | Lacabanga ukuthi igundane alizukwazi ukulisiza. |
| B | Lacabanga ukuthi igundane lalilincane kakhulu, lalingeke lisize. |

**Amagama okubhekisiswa**
- ibhubesi
- igundane
- impendulo






| |
|---|
| **Bhala impendulo yalo mbuzo:** |
| Yini eyisifundo kule ndaba? |
| |
| |



**Masenzeni lokhu**

Sika lawa maphaphethi eminwe, uwafake eminweni yakho bese uyisebenzisa ukuxoxa indaba yebhubesi negundane.



Uzowathola ngemuva encwadini.






ZUL HL Gr3 B1 TH4.indd 105 2019/04/02 11:13:08

# Ibhubesi elikhulu negundane elincane





Masibhale Bhala usho ukuthi ibhubesi lathini igundane lathini. Sebenzisa abacaphuni.



Ngingakusiza.



Igundane lathi, "

_______________________________________________

_______________________________________________ ."



Ibhubesi lathi, "

_______________________________________________


_______________________________________________ ."

Uyigundane elincanyana. Ngeke ukwazi ukungisiza.



Sisebenza ngamagama Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| lalimpintsha | ngimncane | gcwalisa | umzingeli |
| intshela | mncome | gcwala | umzali |





Masibhale Qondanisa amagama angehla aphikisana nangezansi.



| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| kukhuluphele | kukhulu | kude | kujabulile | kubi |
| kufushane | kuzacile | kuhle | kuncane | kukhathazekile |



ZUL HL Gr3 B1 TH.indd 106 2019/01/02 11:13:10


Usuku:

**Masibhale** Bhala amagama anomqondo ophikisayo kule misho.

| |
|---|
| Kwakushisa ibhubesi elincane labona igundane elikhulu. |
| |
| Ibhubesi elincane lalingenamandla kanti igundane elikhulu lalinamandla. |
| |
| Ibhubesi lalilula kanti igundane lalisinda. |
| |
| Umzingeli omuhle wabeka isihibe efuna ukubamba ibhubesi elibi. |
| |

**Masizijabulise** Bhala ikhadi ubonge umuntu owakusiza. Bhala umyalezo ngaphambili ekhadini. Wubhale ngenhla kwesithombe ngaphakathi bhala ukuthi lowo muntu wakusiza kanjani.







ZUL HL Gr3 B1 TH4.indd 107 2019/01/02 11:13:11

# Unogwaja nofudu





Masikhulume


Ugogo wakho uyakuxoxela izindaba? Uzofunda indaba ayixoxa njalo ugogo kaJabu. Buka zonke lezi zithombe usho ukuthi indaba imayelana nani.






Masifunde

## Unogwaja nofudu



Kudalo unogwaja nofudu babehlala ehlathini eliluhlaza. Ufudu lwaluhamba kancane ngakho unogwaja wayeluhleka njalo. Ngelinye ilanga unogwaja wathi ofudwini, "Asiqhudelane ngokugijima." Lwavuma ufudu. Unogwaja wahleka kakhulu. Zeza zonke izilwane emqhudelwaneni.



Wagijima kakhulu unogwaja walushiya ufudu. Waqalaza emuva akangalubona ufudu ngoba lwalusele kude.

"Ufudu luyanwabuluka," kucabanga unogwaja. "Luzokwephuza ukufika lapha. Ake ngiphumule. Kuzothi uma ngibona ufudu ngisuke ngigijime nginqobe." Walala unogwaja wazumeka.




Esalele wezwa ezinye izilwane zimemeza zihalalisa. Wacabanga ukuthi uyaphupha. Uma evuka, naluya ufudu luyofika emgqeni wokunqoba.

Wasuka ngelikhulu ijubane kodwa ufudu lwaselufikile ekugcineni.



ZUL HL Gr3 B1 TH.indd 108 2019/04/02 11:13:12

Usuku:




UNogwaja wagijima ngejubane elikhulu kodwa akaluficanga ufudu. Ufudu bese luwunqobile umqhudelwano.

Funda indaba uphendule imibuzo elandelayo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.

Masibhale

| |
|---|
| Ubani owanqoba? Ngasizathu sini? |
| |
| Obani abeza bazobona umqhudelwano? |
| |
| Waphumula kuphi unogwaja? |
| |
| Bhala isihloko esifanele sale ndaba. |
| |



Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| mqhelise | gcina | uMgqibelo | idwala |
| mqhube | gcona | umgqomo | isidwaba |

**Amagama okubhekisiswa**

emuva
nginqobe
unogwaja
wezwa







ZUL HL Gr3 B1 TH.indd 109 2019/01/02 11:13:13

## Iziphicaphicwano



**Masenzeni lokhu**

Khuluma ngalezi ziphicaphicwano nabangani bakho. Yisho ukuthi sisinye sikhuluma ngasiphi isilwane.







Ngicula kamnandi.
Ngiyandiza ngiye ekhaya.
Ngiyini?

Ngiyagijima
Ngiyagxuma.
Ungangigibela.
Ngiyini?

Ngihamba kancane.
Ngihamba nendlu yonke indawo.
Ngiyini?

Ngibhonga kakhulu.
Ngiyinkosi yezilwane.
Ngiyini?







**Masibhale**

Bhala umusho owodwa usho ukuthi kwenzekani ekuqaleni, emzimbeni, kanye nasesiphethweni sendaba kaNogwaja noFudu.




| Ekuqaleni |
| --- |
| |
| **Emzimbeni** |
| |
| **Esiphethweni** |
| |

## Amabizo



**Bhala**

Bhala la magama ngokugcwele.



| | |
| --- | --- |
| ihlo | ilihlo |
| itshe | |
| ifa | |
| izwe | |

| | |
| --- | --- |
| iva | |
| izwi | |
| iwa | |
| ishwa | |



ZUL HL Gr3 B1 TH.indd 110 2019/01/02 11:13:15

# 53 Ilanga nomoya

**Masikhulume** Uyayithanda le ndaba ugogo kaBongi. Buka izithombe bese usho ukuthi indaba imayelana nani.

**Masifunde**







## Ilanga nomoya

Kudalo kwaba nomoya owavunguza phezu kwedolobha. Kwagoba izihlahla kwanyakaza amafasitela. Umoya waziqhenya ngalokhu. Wathi, "Nginamandla kunezihlahla. Nginamandla kunelanga!"

Lavela ilanga ngale kwamafu lathi, "Cha, Moya, nginamandla kunawe."

"Asiqhudelane sibone ukuthi ubani onamandla," kusho umoya. "Ngizoqala," kusho wona. "Bheka ukuthi nginamandla angakanani. Ngizokwenza ukuthi leya ndoda ikhumule ibhantshi."

Umoya waphephetha waphephetha izihlahla zaze zagoba. Indoda yabophisisa ibhantshi yathi, "Ngiyagodola."

Ilanga laphuma ngale kwamafu. Lamamatheka. Yonke into yafudumala. "Bakithi," kusho indoda. "Kuyashisa-ke manje." Ilanga labalela kakhulu. "Hhayi!"



ZUL HL Gr3 B1 TH4.indd 112 2019/04/02 11:13:29

Usuku:

kusho indoda. "Ngiyashiselwa manje. Mangikhumule ibhantshi leli."

Lamamatheka ilanga futhi, lase lithi, "Nginqobile!"



**Amagama okubhekisiswa**

angalokhu
izihlahla
kwemizi
nomoya





**Masibhale**

Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.



| |
|---|
| Obani abantu ababalulekile kule ndaba? |
| |
| Kwenzekani ngenkathi kuvunguza umoya? |
| |
| Kwenzekani ngenkathi ilanga likhanya? |
| |
| Ubani owayeyonqoba ukuba kwafika imvula? Yisho isizathu sempendulo yakho? |
| |





**Sisebenza ngamagama**

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| endlala | indlela | indlala | indlu | indlovu |
| intsha | intshebe | ibhantshi | ungantshontshi | intshela |
| iqhude | iqhubu | qhela | qhumisa | qhephula |



ZUL HL Gr3 B1 TH4.indd 113 2019/01/02 11:13:30


# Umqhudelwano omkhulu





## Masenzeni lokhu

Dlalani umdlalo nabangani bakho nikhombise ukuthi ngubani onamandla. Yibani nomoya, nelanga, nenyanga, nemvula. Omunye agqoke ibhantshi.





## Masibhale


Kokelezela amagama ayizenzo .

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| gijima | bhukuda | cabanga | thimula | iwashi |
| izinyo | shayela | bhala | funda | thatha |
| khahlela | ibhola | dlala | lala | utshani |
| umdlalo | balela | imvula | wahamba | hamba |



## Masibhale

Bhala umusho ngesithombe ngasinye.









1.

2.


3.

4.



ZUL HL Gr3 B1 TTA.indd 114 2019/04/02 11:15:32

Usuku: ____________







**Masizijabulise**

Funda ngenyanga nelanga, uxoxele umngani wakho ukuthi yini oyibonayo.



## Ilanga nenyanga

Inyanga iyaguquguquka uma ilokhu izungeza umhlaba. Lokhu kwenziwa ukuthi uma ihamba ilanga liyikhanyisa ezindaweni ezahlukene. Siyibiza ngala magama inyanga uma ilokhu iguquka.

| inyanga igcwele | inyanga iyisigamu | inyanga iwucezu | inyanga yintsha |
|---|---|---|---|
|  |  |  |  |



**Masibhale**

Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.

Ubona yiphi inyanga namuhla ebusuku? Yenza lo msebenzi ekhaya.

____________

Buka iMisombuluko ize ibe mine kule nyanga. Dweba ukuthi inyanga imi kanjani njalo ngoMsombuluko.

| | | | |
|---|---|---|---|
| | | | |



ZUL HL Gr3 B1 TH4.indd 115 2019/01/02 11:13:33

# UBongi nebhayisikili



Masikhulume Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.



Masifunde

## Ibhayisikili elisha

UThabo, umfowabo kaBongi, bamthengela ibhayisikili ngenkathi eba neminyaka eyishumi. Lalibomvu licwebezela lize limxhophe ibhayisikili lakhe. UBongi wafisa sengathi ngabe ngelakhe. NgoMggibelo uBongi wacela uThabo ukuthi amboleke lona. Wayefuna ukuthi bawagibele benoMimi. Wamcela uThabo ukuthi aliphathe kahle.





UBongi noMimi bahamba ngamabhayisikili bayodlula ehlathini, phansi kwezihlahla, badlula emfuleni bayofika ebhulohweni. Izwe balibona lilihle.




Ngaphesheya kwebhuloho bahlangana namabhodlela afile nomunye udoti. Kwagcina sekulukhuni ukuthi uBongi ashove manje. Kanti isondo seliphantshile.



ZUL HL Gr3 B1 TH.indd 116 2019/01/02 11:13:34

Usuku:



Kwakunamabhodlela nezingilazi ezifile endleleni yabo. Walithwala-ke manje ibhayisikili, wafika ekhaya wacela uThabo ukuthi amsize balilungise.





Masibhale

Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.

UBongi wagibela ibhayisikili likabani?

Yini eyaqhumisa isondo?

Wabuyela kanjani nalo ekhaya?

Uthini ngabantu abalahla udoti yonke indawo?



Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

| | | |
|---|---|---|
| mxhophe | umgqomo | hweba |
| mxhawule | umgqakazo | isihwayo |
| mxhumanise | mgqokise | kuhwalele |

**Amagama okubhekisiswa**

amsize
bahlangana
balilungise
endleleni

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr3 B1 TH.indd 117 2019/04/02 11:13:36

# UBongi useligibele ibhayisikili



## Amabizo nesichasiso



**Masenzeni lokhu**

Dlalani umdlalo kaBongi ecela ibhayisikili kuThabo. Khombisani oBongi noMimi begibele amabhayisikili. Khombisani ukuthi uBongi ulithwale kanjani ibhayisikili, washo kanjani kuThabo ukuthi isondo langemuva liphantshile. Vezani ukuthi uThabo utheni uma ebona ibhayisikili lilimele.



**Masibhale** Dwebela ibizo (igama lento) emushweni ngamunye ngezansi. Kokelezela isichasiso esichaza ibizo.

| |
|---|
| Kwakuyibhayisikili elibomvu, elicwebezelayo. |
| UBongi wadlula ehlathini eliluhlaza. |
| Wadlula izihlahla ezinde. |
| Wawela ibhuloho lezingodo. |
| Wabona isondo eliphantshile. |
| Wagibela ebhodleleni elifile. |

Amabizo amagama abantu nawezinto. Izichasiso zisitshela ukuthi abantu nezinto kunjani.





**Masibhale** Phinda ubhale le misho uqale ngegama elithi "Izolo".

udlule ubuke uhambe ugibele ubone

| |
|---|
| Ngibona ingilazi efile. |
| Izolo |
| Uthatha ibhayisikili lakhe. |
| Izolo |
| Ubuka isondo eliphantshile. |
| Izolo |
| Siwela umfula. |
| Izolo |



ZUL HL Gr3 B1 TH.indd 118 2019/04/02 11:13:37

Usuku:

## Umnikazi



Masibhale Bhala igama elisho ukuthi into ngekabani.

| | | |
|---|---|---|
| Ibhayisikili _Thabo | Ibhuku _Jimi | Umama _Mimi |
| Ugogo _Bongi | I-aphula _thisha | Ipeni _Jabu |
| Umkhulu _Jabu | Isicathulo _Bebe | Imoto _baba |






Masizijabulise

Funda okushiwo nguBongi noMimi emva kokudlula ezindaweni eziningi ebalazweni. Nika izindawo ezisebalazweni izinombolo. Eyokuqala yenziwe.

| | |
|---|---|
| 1 | Masimeni sithenge isiphuzo esibandayo. |
| 2 | Bheka ukuthi konke kuluhlaza kanjani. |
| 3 | Lo mgwaqo unamajika. |
| 4 | Ayi! Buka wonke lo doti nezingilazi ezifile. |
| 5 | Ngethemba ukuthi leli bhuloho ngeke liwe. |
| 6 | Kuzofuneka ngiqaphele uma sesihambisana nezimoto. |






ZUL HL Gr3 B1 TH.indd 119 2019/01/02 11:13:40

# 57 UBongi ucosha udoti



**Masikhulume** Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.






**Masifunde**

## Siyakhuculula

UBongi noMimi bahamba bayotshela uthisha wabo ngokungcola abakubona ngasemfuleni. Wathi abacele abanye abantwana basize kuyokhucululwa lowo doti nokungcola. Babhala isaziso basichoma odongeni. Baba ngama-24 abantwana abeza ukuzosiza kukhucululwa ipaki. Bacosha wonke amabhodlela afile, amathini kanye nezicucu zamaphepha.



**Masikhulume** Buka isaziso esenziwe wuBongi noMimi.

Abantwana
bathanda ukuhlala badlale
endaweni ehlanzekile.
Asiwathandi amapaki angcolile.
Wozani sisizane sihlanze indawo yethu
eduze nomfula.
Masigcineni amapaki ethu ehlanzekile.

**Yiba kanye nathi ekukhucululeni.**

Kuzoba khona iziphuzo kanye nezinkwa ezigcotshiwe.

Nini? NgoMgqibelo mhlaka 21 kuMbasa
ngehora le-10:00.

Kuphi? E-Kiddy Park.

Ibhasi lizosibuyisela emakhaya ngehora lesi-2.




ZUL HL Gr3 B1 TH4.indd 120 2019/04/02 11:13:42

Usuku: ____________________

Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.



| | | | |
|---|---|---|---|
| ingcono | choma | gcina | hleka |
| ngci | chitha | isigcino | hleba |
| ungcede | chela | isigcilikishi | hlela |

Masibhale


Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba.
Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.

| |
|---|
| Ubani owasiza uBongi ukubhala isaziso? |
| |
| Akhetha ukwenzani amantombazana amabili? |
| |
| Ucabanga ukuthi kwaba yinto enhle ukuthi bakhuculule udoti? Yisho isizathu sempendulo yakho? |
| |
| Waqala nini umsebenzi wokukhuculula? |
| |

Masibhale

Kokelezela igama elichaza izingane.

**Isichasiso**



| |
|---|
| Intombazana encane yacosha amakani. |
| Umfana omkhulu usizile ukuqoqa epaki. |
| Intombazana enhle ibifuna ukusiza. |
| Umfana omncane usitshele ihlaya. |
| Abafana abayizithutha bafihle umgqomo wezibi. |





ZUL HL Gr3 B1 TH.indd 121 2019/01/02 11:13:43

# Siyakhuculula





## Masikhulume

Kumele lenzeni ikilasi lakho ukusiza ukukhuculula? Xoxa ngezindawo ezingcolile esikoleni. Yisho ukuthi ungabahlanganisa kanjani abantu ukuthi kukhucululwe isikole.





## Masibhale

Bhala isigatshana ngesikole sakho. Yisho ukuthi kufanele sihlanzwe kuphi nakuphi.



## Masibhale

Gcwalisa izichasiso ezifanele. Sebenzisa la magama, azokusiza.



lalikhanya elicijile eliluhlaza

UBongi wadlula ehlathini ____________________.

Ilanga __________________________________.

Wagibela etsheni _________________________.


Usuku:



Masibhale

Faka isakhi esifanele ekuqaleni kwebizo ukukhombisa ukuthi lezi zinto ngezabantu abahlukene.

| | | |
|---|---|---|
| izincwadi zamantombazana | izincwadi__dadewethu | umhlangano__thisha |
| izinja__bafana | izimoto__thisha | imifaniswano__bahlengikazi |
| imisila__zilwane | amathoyizi__mfowethu | amabhodlela__zingane |



Masizijabulise

Buka isaziso sikaBongi esibhaliwe. Yenza isaziso esibhaliwe umeme abantwana ukuthi kuzokhucululwa esikoleni.





UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr3 B1 TH4.indd 123 2019/01/02 11:13:44

# 59 Ukutshuza olwandle

Masikhulume

Umkhulu kaBebe uyathanda ukuxoxa indaba yakhe yokusizwa ngamahlengethwa. Buka lezi zithombe usho ukuthi ubona indaba imayelana nani.

Masifunde



## Mhla ngisizwa ngamahlengethwa

Ngenkathi besebancane, uMkhulu kaBebe nomngani wakhe uThabo babeye batshuze ngaphansi kolwandle. Kunomkhumbi omdala abafika kuwo ngaphansi kolwandle. Bathola igolide elihle nesiliva kulo mkhumbi.

Ngenkathi uMkhulu kaBebe engene ngaphansi kwamanzi wayegqoke isudi yakhe ebizwa ngesudi yamanzi. Wayevikele ngayo umzimba wakhe. Wayephethe nethange lomoya ukuze akwazi ukuphefumula.

Ngelinye ilanga uMkhulu kaBebe wathi ufuna ukuya emkhunjini osolwandle futhi. UThabo wathi, "Cha, asingeni olwandle namuhla. Kunesiphepho esizayo."


"Ngibone igolide elikhulu elihle. Ngifuna ukubuya nalo. Sizoba nemali eningi uma silitholile," kusho uMkhulu kaBebe.

"Kodwa isiphepho sizofika emizuzwini eyi-15. Akuphephile," kusho uThabo.



UMkhulu kaBebe wangena olwandle ngenkathi uThabo emi esikebheni elinde khona. UMkhulu kaBebe walithola iketanga legolide elikhulu kodwa wehluleka ukulikhumula. Walidonsa, wamba ngeminwe kodwa wehluleka ukulikhumula. Wancipha


Usuku:



umoya ethangeni lakhe. Watshuza wabuya eliphethe iketanga. UThabo wayesemshiyile. Sasesifikile isiphepho.

UMkhulu kaBebe walibamba waliqinisa iketanga lakhe watshuza. Amagagasi aba makhulu kakhulu afuna ukumehlula. Wabona ukuthi uzominza. Lalisinda iketanga leli. Walidedela.

"Sizani, sizani bakithi! Ngisizeni!" kumemeza yena, kodwa akubanga khona muntu ozwayo. Wagcina ngokuzwa izwi elimnandi. Kwakuyizwi lehlengethwa. Latshuza leza kuye uMkhulu kaBebe. Wabambela ophikweni lwalo. Lamthatha lambuyisela ogwini. Ngenkathi uMkhulu kaBebe esebona ukuthi uphephile, ihlengethwa laphindela emuva.




"Ngiyabonga ukuthi uhlenge impilo yami," kumemeza uMkhulu kaBebe ebonga.



Masibhale

Phendula le mibuzo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.

**Amagama okubhekisiswa**
- amagagasi
- ozwayo
- uzominza
- walidedela



Ngobani abantu ababalulekile kule ndaba?

Wangenelani uMkhulu kaBebe olwandle?

UThabo wamlindelani uMkhulu kaBebe ngaphandle kwamanzi?

Wabuya kanjani uMkhulu kaBebe ukuza ogwini?

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr3 B1 TH4.indd 125 2019/04/02 11:13:46

# Ngaphansi kwamanzi olwandle









**Masenzeni lokhu**

Dlalani indaba kaMkhulu kaBebe nehlengethwa. Ngubani ozoba uMkhulu kaBebe. Ubani ozoba wuThabo? Ubani ozoba yihlengethwa elizophephisa uMkhulu kaBebe?






**Sisebenza ngamagama**

Funda la magama ulalele imisindo.
Sebenzisa amagama ama-5 ubhale imisho encwadini yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| mkhuze | mngenise | umshanelo | mthole |
| mkhethe | umngani | umshana | umthetho |
| mkhumule | mngungeni | uMshengu | umthamo |





**Masibhale**

Make sithi unguMkhulu kaBebe. Sibhalele usho ukuthi kwenzekani kuwe. Sesikuqalele indaba.

UThabo wangikhuza wathi ngingangeni olwandle ngalelo langa. Kodwa ngangifuna iketanga legolide. Ngangazi ukuthi kwakuza isiphepho kodwa ngangena. Kuthe uma ngiphuma sengiliphethe iketanga . . .

Masithi manje uyihlengethwa. Bhala usho ukuthi wabonani wabe sewenzani. Sesikuqalele indaba yehlengethwa.

Ngangizitshuzela ngiya ezansi ngoba ngibona kuza isiphepho. Ngavele ngabona indoda iphethe iketanga legolide. Yayimemeza icela usizo . . .




ZUL HL Gr3 B1 TH4.indd 126 2019/04/02 11:13:47

Usuku:

Masizijabulise

Xoxa nomngani wakho ngezinto ezahlukahlukene eziqgokwa uma uzotshuza emanzini. Yisho ukuthi zidingekelani zonke lezi zinto.




**Ithange lomoya** lisiza ukuthi uthole umoya ungaphansi kwamanzi

**Ibhande elinesisindo** likwenza usinde ukwazi ukuhlala ngaphansi kwamanzi

**Imaski yobuso**
Isiza ukuthi ukwazi ukubona emanzini

**Okwasekhaleni** kokuphefumula

**Isudi yamanzi** yokwenza ukuthi uhlale ufudumele

**Izimpiko** zokusiza ukuthi utshuze ngejubane

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________




ZUL HL Gr3 B1 TH4.indd 127 2019/01/02 11:13:48

# 61 Izintuthwane

Masikhulume Buka izithombe ukhulume ngokubonayo.

## Izintutuhwane ziyasebenza



Wake wayibona intuthwane? Uthi bewazi ukuthi izintuthwane zihlala ndawonye ezidlekeni zazo? Uthi bewazi ukuthi izintuthwane zikwazi ukudla ndawonye zidedelane?

Uma ulandela umkhondo wezintuthwane uzofica ukudla ekugcineni kwawo. Ngakwelinye icala uzofica isidleke.

## Landela umkhondo wezintuthwane

Uma intuthwane ithola ukudla yakha umkhondo ukuze nezinye zilandele. Zilandela lowo mkhondo zize zifike ekudleni. Ziyakuthanda ukudla okunoshukela njengojamu noshukela. Zidla futhi ukudla esikushiyayo ekhaya. Zifika kukho zikuzungeze zibe ningi.


## Zama lokhu

Beka iphepha elinokudla eduze nesidleke sezintuthwane. Lindela izintuthwane ukuthi zikuthole lokhu kudla. Uzozibona zifika zilandelana ziza ngomkhondo. Kugudlule ukudla. Kungabe ziyakulandela ukudla?

Kwenzekani uma ugudlula ukudla?

Emva kokugudlula ukudla izintuthwane ziyakulandela. Zikuzwa ngomkhondo omdala. Kuthatha isikhashana ukuthi ziwuthole umkhondo wakho.

Kungani?



Uma intuthwane ithola ukudla, ihamba ishiye phansi iphunga elithile elizoba wumkhondo. Ezinye izintuthwane ziyalinuka leli phunga bese zililandela.



ZUL HL Gr3 B1 TH4.indd 128 2019/01/02 11:13:49

Usuku:



Masibhale Funda indaba ngezintuthwane bese uphendula imibuzo.



| | |
|---|---|
| **Imayelana nani le ndaba?** | |
| A | Inikeza ulwazi ngemikhondo. |
| B | Isho ukuthi ungenza kanjani ukuxosha izintuthwane. |
| C | Iyasho ukuthi ungazithola kuphi izintuthwane. |

| | | | |
|---|---|---|---|
| **Kudingeka ngani ukuthi ubeke ukudla eduze kwesidleke sezintuthwane?** | | | |
| A | Ukuzenza zidideke izintuthwane. | C | Ukubulala izintuthwane. |
| B | Ukuze izintuthwane zikwazi ukwenza umkhondo. | D | Ukubulala izintuthwane. |

| | | | |
|---|---|---|---|
| **Uma seyikutholile intuthwane ukudla izitshela kanjani ezinye izintuthwane ukuthi zikuthole kanjani lokho kudla?** | | | |
| A | Ziyayibuka bese ziyilandela. | C | Ziyakunuka ukudla ephepheni. |
| B | Ziyazulazula zize zikuthole ukudla. | D | Zinuka iphunga elishiywe yintuthwane yokuqala. |

| |
|---|
| **Ucabanga ukuthi izintuthwane ziyanakekelana? Ukusho ngani lokho?** |
| |

| | | |
|---|---|---|
| **Ongwaqabathwa ababhangqene gc** | | |
| gcina | gcona | igceke |

Funda la magama ulalele imisindo.



Masibhale Hlahlela la magama ukhiphe amalunga ahlukene.

| | | |
|---|---|---|
| ndawonye | landela | ziyagijima |
| nda/wo/nye | | |
| ukuzama | ulwazi | ziyahlangana |
| | | |
| zungeza | ngaphambi | zilandelana |
| | | |

**Amagama okubhekisiswa**

iphunga
izintuthane
umkhondo



ZUL HL Gr3 B1 TH4.indd 129 2019/01/02 11:13:50

# Okunye okuningi ngezintuthwane





Masikhulume

Buka izintuthwane ezilandela umkhondo bese udweba into oyibonayo. Chazela umngani wakho ngesithombe sakho.



zalandelana

zahlangana

zadla



Masibhale

Phinda ubhale le misho uqale ngegama elithi Izolo.

| |
|---|
| Izintuthwane zilandela umkhondo. |
| Izolo izintuthwane |
| Ubona izintuthwane zizungeze ukudla. |
| Izolo u - |
| Izintuthwane zidla ukudla okunoshukela. |
| Izolo |



Masibhale

Kokelezela igama elifanele.

## Isivumelwano

| |
|---|
| Izintuthwane zifuna/afuna ukuqoqa ukudla. |
| Ihhashi afuna/lifuna amanzi. |
| UBongi uhambe/bahambe ngebhayisikili. |
| Lona liyashisa/kuyashisa namuhla. |

| |
|---|
| Thina sithungatha/zithungatha izintuthwane. |
| Wena uphinde/baphinde wafika muva. |
| Bona bafuna/sifuna ukudla. |
| Izintuthwane ifuna/zifuna ukudla. |



ZUL HL Gr1 B1 TH.indd 130 2019/01/02 11:13:52

Usuku:




Masibhale

Nikeza isabizwana salokhu okulandelayo:

Qaphela:
Uma singafuni ukubhala igama lomuntu sisebenzisa isabizwana soqobo.









| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| sona | isithelo | | okokubhala | | inkanyezi |
| | iqanda | | okokudlala | | igundane |
| | isiphuzo | | isihlahla | | isambulela |
| | indlu | | uvemvane | | inkabi |





Masizijabulise

Izintuthwane zitshelana ukuthi ukudla kungakuphi ngokushiya iphunga elithile endleleni eya ekudleni. Zikwenza lokhu ngoba azikwazi ukukhuluma. Nathi siyabatshela abangani bethu okuthile ngaphandle kokukhuluma. Sisebenzisa ubuso bethu namehlo.

| Sithini lapha? | Ngithukuthele. | Ngijabulile. | Ngidumele. | Ngimangele. |
|---|---|---|---|---|
| Amehlo |  |  |  |  |
| Umlomo |  |  |  |  |
| Amashiya |  |  |  |  |
| Ubuso |  |  |  |  |
| Dweba ubuso bakho | | | | |

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr3 B1 TB4.indd 131 2019/04/02 11:13:53



Masikhulume


Buka izithombe zezindaba esisanda kuzifunda.



Ibhubesi elikhulu negundane elincane



Ilanga nomoya



Mhla ngisindiswa yihlengethwa



Izintuthwane ziyasebenza



Unogwaja nofudu



UBongi ukhuculula ukungcola



Masifunde

Zama ukukhumbula izindaba ozifundile kule ncwadi.
Iyiphi indaba oyithande kakhulu? Yindaba enjani oyithanda kakhulu?

Khumbula ukuthi sizathu sini esenze ukuthi uzithande kakhulu ezinye izindaba kunezinye. Ziphe izinombolo. Qala kokukodwa endabeni oyithande kunazo zonke, uze ufike kokune, okuyindaba ongayithandanga.

Uyithandile indaba yeBhubesi elikhulu negundane elincane, noma Ilanga nomoya? Kungabe uthande Unogwaja nofudu? Kusho ukuthi ufundela ukujabula.

Kungabe ukhethe Mhla ngisindiswa yihlengethwa noma Umhlaba wezintuthwane? Kusho ukuthi ufundela ukuthola ulwazi.



ZUL HL Gr3 B1 TH.indd 132 2019/01/02 11:13:54

Usuku:



## Masibhale

Funda indaba uphendule imibuzo elandelayo. Igama lokuqala lempendulo kumele liqale ngofeleba. Khumbula ukubeka ungqi ekugcineni.


| |
|---|
| Iyiphi indaba oyithande kakhulu? |
| |
| Yini oyithandile ngaleyo ndaba? |
| |
| Iyiphi indaba ongayithandanga? |
| |
| Kungani ungayithandanga leyo ndaba? |
| |
| Uthanda ukufundela ukwazi noma ukuzijabulisa? |
| |



## Sisebenza ngamagama

Hlahlela la magama ukhiphe amalunga afanele.

| | | |
|---|---|---|
| ndawonye | engikuthandayo | ukujabula |
| nda/wo/nye | | |
| indaba | ulwazi | ukufunda |
| | | |
| izindaba | inombolo | ihlengethwa |
| | | |



**Amagama okubhekisiswa**

iyiphi
izindaba
kokune
ufundela



ZUL HL Gr3 B1 TH.indd 133 2019/01/02 11:13:54

# Bhala indaba





Masenzeni lokhu

Xoxela umngani wakho indaba oyithanda kakhulu. Khuluma ngabantu abasendabeni. Yisho ukuthi yini lena oyithanda kakhulu endabeni. Kukhona ulwazi olutholile endabeni?

Lungiselela ukubhala indaba yakho. Masibhale




| Izoba mayelana nani? |
| --- |
| |
| |
| |
| |
| **Obani abazoba ngabantu ababalulekile endabeni yakho?** |
| |
| |
| |
| |
| **Ulwazi luni ozoluveza?** |
| |
| |
| |
| |



Masizijabulise

Sika ikhasi elilandelayo wenze ibhuku. Bhala isihloko phezu kwekhava. Bhala igama lakho ngaphansi kwesihloko ngoba nguwe umbhali. Dweba isithombe phezu kwekhava. Bhala indaba ibe nesiqalo, umzimba kanye nesiphetho.





ZUL HL Gr3 B1 TTIA.indd 134 2019/01/02 11:13:55

